


UKUKHOLWA OKUPHELELE

 Baba wethu waseZulwini, leyo kuyinhloso yethu kulobubusuku. Sibuthene ndawonye ukuba kuphela sikholwe, nje sikholwe yiNkosi uJesu. Kukhona labo lapha, kulobubusuku, abagulayo nabahluphekile, futhi sinikele inkonzo yethu—yethu—yethu kulobubusuku ekuphilisweni kwabagulayo nomzimba owephukile. Manje, njengoba umculi esanda kucula nje lelohubo elimnandi, *UJesu WayeseFika*, kwangathi Ungafika enkundleni wenzele thina kulobubusuku, Nkosi, futhi uphilise wonke ohluphekile, futhi ngeke kubekhona-muntu obuthakathaka phakathi kwethu kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi, futhi usisize njengoba sibuka eZwini manje ukufumana ukukholwa kwenele okwalelihora. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

² (Ezika-bani na?) Kukhona izibuko zamehlo lapha, omunye olahlekelwe yizo, futhi zitholakale endlini yokukhonzela. Uma noma ubani . . . uma kungezakho, awu, zilapha emsamo, eupliti.

³ Manje, ngiyazi ukuthi abanengi bayasebenza, futhi bafanele baye ekhaya kuse eli, futhi ngakho angizukukhuluma isikhathi eside kakhulu; bese-ke ngiba nomugqa womkhuleko ukukhulekela abagulayo. Lokho kunginika ithuba loku—kubamba abanye phakathi abaphuthumayo akade besekamelweni nje, ngibabambe nje manje ngaphambi kokuthi ngingene, nakulentambama. Abanye babo, kusobala, usesimweni esibi kabi, kabi futhi uyadlova. Futhi kade ngishaya izingcingo, futhi, futhi ngikhulekela abagulayo. Ngibona isandla seNkosi yethu uJesu siphilisa abagulayo nabahluphekile, ukuthi nje Umangalisa kanjani!

⁴ Manje, asejwayele kakhulu njalonjalo ukungena kulezizinkonzo zokuphilisa, ngoba ngokuvamile si . . . uMoya oNgcwele uyofika khona nje uma kukhona udaba oluphuthumayo, bese uluveza obala ngokukhulu ukushesha, bese uyakucaphuna bese usho okuthize ngakho. Bese-ke kuba yikho konke okunye kwakho, ngani, sivele nje . . . mhlawumbe akulutho olubi kakhulu, ngakho sivele sikwedlulise nje. Futhi ngicabange ukuthi, ngokuba lapha kabili namhlanje, kufanele ukuthi sinikele inkonzo eyodwa kube eyomkhuleko wabagulayo. Ngiyakholelwa ekuphilisweni kwabagulayo. Ngikhulwa ukuthi kungumyalo weBhayibheli. Ngeke sakushumayela lokho, ngaphandle . . . iVangeli eligcwele, ngaphandle kokubandakanya lokho.

⁵ Manje, kunokwenzeka . . . angikazi okwamanje, angikashayeli ekhaya okwamanje kulobubusuku, kungahle

kwenzeke ukuthi ngeSonto elizayo ngiyobe sengiqedile lapha futhi. Futhi uma ni—uma ningezwa kithi kuleliviki, uma uBilly enganazisi (uzokwazi kamuvanyana evikini), uma ungakuzwa, khona-ke sizoba lapha futhi ngeSonto elizayo; ngoba lokho kuninika uSuku lwabaSebenzi, niyabo, ukuba niphumule, futhi ngakho...noma ukuba niye ekhaya ngalo. Niyabo? Futhi ngakho sizozama, iNkosi ithanda. Manje, awu, uma ningezwa...ngicabanga ukuthi uBilly uninika ikhadi, noma anitshela ngezinkonzo ngenye indlela, ngakho uma enganibizi, khona-ke ngibuyela le—leliSonto elizayo elilandelayo. Uma, Mfowethu Neville, kulungile, enye yezinkonzo? [UMfowethu Neville ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O, lokho kuhle.

⁶ Uma noma ubani efuna ukwazi, loCollins omncane, lapha. Futhi ngesikhathi seziMpawu eziyisiKhombisa, odokotela babetshele lowomfana omncane, enemfiva yofehlane, ukuthi wayedingeka alale ngomhlane bese ephuza ngeshubhu; kwakuyilokho—lokho-ke. Futhi uyise nonina bamletha ekhaya base bemhlalisa ekamelweni, bamkhulekela. NeNkosi uJesu yamphilisa ngokuphelele kakhulu, wabuyela esikoleni; nezikhulu zababiza ukuba bangene mayelana nakho. Ngakho babiza udokotela oyisipesheli owayemlindile, futhi akakholwanga...Kakholwanga yinto enjengaleyo, futhi bamehlisa umfana ukuba azohlolwa, futhi wayephile saka futhi esindile. Kwase kuthi-ke, uJesu wafika, amandla omlingi ephulwa-ke!

⁷ Niyazi, into exakile, bengizocela omunye ukuba acule lelculo kulobubusuku. Futhi ngenkathi ngikhonzisa ekamelweni lapho, nakhu kufika, omunye elicula kakhulu lapha, *UJesu wayeseFika*. Ukuba lelo—lelo aliculwanga, bengizocela omunye alicule ngaphambi kokuba ngi—ngikhulume kulobubusuku. Ngakho, U—Usebenza zonke izinto ngokuyikho.

⁸ Manje, abanengi benu bazobe belindile ngale kuze kube sekuseni, onebanga elide azolihamba, futhi ngi—ngiyawuthakasela lowo—lowomzamo. Abanye benu bazoshayela beya ekhaya kulobubusuku ngoba nifanele nihambe niyosebenza sekusile, ekuseni, futhi ngi—ngiyazi kul'khuni. Futhi manje-ke uma ngicabanga, futhi ngibone lokho, . . .

⁹ Ngithola amalumbo futhi, niyazi; ngithola ukushintsha kwenhliziyi. Ngifika endaweni lapho engi...Okungitholayo, yilapho engifika khona kulawomalumbo uma sengisebenze konke kwaze kweqa, noSathane ufika angitshela, “Ngani, akekho okunakekelayo. Awunamngani ngempela ezweni, uyabo.” Futhi ukuze . . .

¹⁰ Khumbulani, angigomekile ekulingweni. Niyabo, ngifanele ngikunqobe lokho. Bese kuthi-ke uma ngibheka emuva bese

ngibona into enjengalena, ngiyibeka ngiyibuyisele ngqo ebusweni bakhe bese ngithi, “Uthini ngalokho na?” Lokho kuyangisiza ukuba ngingqo—nginqobe. “Uthini ngalokho na?”

¹¹ Njengomngani wami othize, ehlezi e—emhlanganweni lapha, kwakukhona i—i—isizwe sasigodi sinye, uhlobo lwe—lwesizwe sasigodi sinye esingakholelwa ekuphilisweni ngokukaNkulunkulu, siza kulomfo osemncane maduze sase sithi kuye, “Leyonto abayishumayelayo lapho ngalokho kuphilisa ngokukaNkulunkulu, akukho lutho kuyo.”

¹² Nalendoda ihlala eKentucky, eduze impela kowesifazane omdala o, ngenkathi siseActon Campgrounds, owayebulawa umdlavuzwa. Nodadewabo wafika emhlanganweni ngalobobusuku eneduku esikhwameni sakhe semali ayelithathile, noMoya oNgcwele wambiza owesifazane emuva lapho (futhi ngangingakaze ngibe kulelozwe ngaphambili) futhi wamtshela ukuthi “wayeneduku esikhwameni sakhe semali, ayenalo lapho, ayelithathe ekhaya, nodadewabo wayephezulu onqenqemeni oluthize lapho, ebulawa umdlavuzwa wesisu. Udokotela esemdelile.” Futhi ngathi, “Hamba ubeke iduku phezu kowesifazane, ngokuba ISHO KANJE INKOSI, ‘Uzophila.’” Futhi yilobobusuku, omakhelwane enhla lapho babecabanga ukuthi babeneSalvation Army, ngenkathi uMfowethu Ben esukuma lapho, wayesebeka i...Kwase—kwase kuthi—ke lelonenekazi laphiliswa ngokuphelele kakhulu ngangokuthi lisebenza umsebenzi walo uqobo nomsebenzi kamakhelwane.

¹³ Ngakho lensizwa, ikwazi lokho, yathi, “Manje-ke chaza udaba lwalo! Lokho kwakuxazulula. Chaza; uyazi ukuthi belinomdlavuzwa. Belilapha eLouisville nodokotela ubehlinza, bavele nje kalula baphenduka, ‘Balithunga, balibuyisela emuva. Akukho okungenziwa.’ Futhi manje seliphile saka, lisindile.” Yathi, “Kuchaze lokho.” Lokho kwakuxazulula. Niyabo?

¹⁴ Niyazi, eBhayibhelini, kwathi, “Futhi babengenakusho lutho olubi, ngoba umuntu wayemi phakathi kwabo ngqo, okwakwenziwe kuye isimangaliso.” Yilapho esi...Kufaka uSathane amahloni, akwenzi na? Umuntu wayemi lapho isimangaliso esasenziwe kuye.

¹⁵ Ngabe uNkulunkulu uyabavusa abafileyo na? Nakhu kuhlezi indoda, khona lapha, eyavuswa kwabafileyo. UNkulunkulu uyabaphilisa abagulayo na? O he, izandla bezingaya ndawo zonke nje. UNkulunkulu uyabaphilisa abagulayo. Futhi siyazi Ungomkhulu—omkhulu uNGIKHONA, hhayi omkhulu u “Ngangikhona” noma “ngiyoba khona”; NGIKHONA. Kunjalo. *NGIKHONA*, lokho ngukuthi “uhlala ekhona, ndawo zonke, ngaso sonke isikhathi”; onguyena izolo, namuhla, naphakade.

¹⁶ Manje, ukusheshisa, asiphenye manje eBhayibhelini elibusisiweyo. Ngifuna ukufunda i—isahlukwana e—esasivamise

nje uku “ngiphenduphendula” uma ngisifunda. Futhi ngifuna ukuba nomugqa womkhuleko kulobubusuku, futhi ngikhulekele wonke umuntu ofuna ukukhulekelwa.

¹⁷ Futhi manje sizopenya kuMarku, uMarku oNgcwele, isahluko 11 sikaMarku oNgcwele. Futhi sizogala ukufunda cishe i—ivesi 22 lesahluko 11 sikaMarku oNgcwele. Futhi abanengi benu bayawazi lomBhalo, Ujwayeleke kakhulu. KwakungumBhalo engangcabanga ngawo, Mfowethu Russell, ngenkathi labo... ngenkathi Ekhuluma kimi futhi washo mayelana nalezo zingwejeje. Futhi ba... lowo kwakuyiwo nje impela umBhalo engangcabanga ngawo. Ubulokhu uyindida njalo. Wathi, “Uma nithi”; hhayi “Uma Ngithi”. “Uma nithi!”

¹⁸ Manje, asifunde.

...UJesu waphendula wathi kubo, Kholwani nguNkulunkulu.

Ngokuba ngiqinisile ngithi kini, Yilowo nalowo oyakuthi kulentaba, Nqukuleka, uphonseke elwandle; engangabazi enhliziyweni yakhe, kepha ekholwa ukuthi lokho akushoyo kuyakwenzeka; uzakuba-nakho akushoyo.

Ngalokho ngithi kini, Konke enikukhulekelayo, nenikucelayo, kholwani ukuthi nikwamukele, nizakuba-nakho.

Futhi nxa nimi nikhuleka, thethelelani, uma ninamagqubu nomunye: ukuze noYihlo... ukuze noYihlo osezulwini anithethelele iziphambeko zenu.

Kepha uma nina ningathetheleli, noYihlo osezulwini akayikunithethelela iziphambeko zenu.

¹⁹ Manje, ukukholwa kwesekeleke ekuthetheleleni, ke. Bese kuthi-ke, njengoba sishilo kulokhu ukusa, sizama ukuthola ibandla ukuba lingene endaweni lapho khona ebesingabona khona ngempela izikhathi zabaphostoli zihamba phakathi kwethu, yilokho esikulambele sonke. Futhi kubekwe nje emnyango ngqo. Siyakubona, kodwa sifuna ukubona okunye okuningi kwakho. Sikufuna kugeleze ngangokuthi kuzo—kuzoba lusizo kithi, thina sigeleze siphumele kwabanye.

²⁰ Khumbulani, uJesu (njengoba sibenakho esifundweni kulokhu ukusa), Akazange Azisebenzisele Yena amandla, Wawasebenzisela abanye. Athunyelelwa lokho-ke. Futhi uyacabanga ngesinye isikhathi, “Kwakungani ukuba uMuntu owayegcwele amandla kangaka, njengaYe, ukuba ake aze agule na?” Yebo, mnumzane. Ngike ngafunda kwenye incwadi, ndawo ndawo, lapho ngenkathi Evusa lowomfana, indodana yomfelokazi waseNayini (ngikholwa ukuthi ithi, *INkosana yeNdlu kaDavide*), ukuthi Wahlala edwaleni futhi wabubuliswa wubuhlungu bekhanda. Niyabo? Wathwala

ubuthakathaka bethu. *Ukuthwala* kusho “ukuziphatha.” Niyabo, Wathwala. Futhi Wayenazo zonke izinto e...njengoba sinazo. Wayenokugula, Wayenezilingo, Wayenkathazo, Wayenengxaki njengoba sinayo nje, ngoba Wayefanele abe luhlobo olufanele loMlamuleli; ngakho Wadingeka ukuba abe ngumhlanganyeli, uMlimi wesithelo, ngaphambi kokuba Azi. Owesifazane emthonjeni nezinto eziningi, niyabo, uma sibuke kahle emBhalweni.

²¹ Ngifuna ukusho ukuthi ngiwukholwa wonke umBhalo, nakho konke nokuncinyane kwaWo ukuthi uqinisile. Kukhona abagxeki namhlanje abangafuni ukukukholwa lokho. Umgxeki wake wathi “ngenkathi uJesu ethuma labobafundi lapho lelothole laliboshelwe khona, lapho izindlela ezimbili zihlangana khona, ukuthi Wayekulungiselele ngaphambili lokho lapho lelothole elaliboshelwe khona.” Niyabo, abaqondi ukuthi u*Nkulunkulu* wayekulungiselele ngaphambili.

²² UNkulunkulu wangitshela, ngoluny’usuku, noMfowethu Dauch lapha, ukuthi ngangizo “mxhawula, emgwaqeni futhi.” Lokho kuxaka ngempela, ngangingekho lapha ngalokho kusa; kodwa esikhathini eside ngemizuzu emibili, noma isikhathi eside ngomzuzu, ngabe angihlangananga naye emgwaqeni. Kodwa ngehla emotweni ngaso nje isikhathi ukuba ngimxhawule ngenkathi engena, emgwaqeni. Wayengangazi; wayekhumule izibuko zakhe, wayengakwazi ukungibona. Ngenkathi ezwa iphimbo lami, waqala ukukhala. Kwakuyini na? Ngokweywayelekile akakwenzi lokho, kodwa kwakuyimpendolo kulokho atshelwa khona phezulu lapho phansi kwethende lomoyampilo ioksijini; ukuthi wayezokwenza.

²³ Ngathi, “Uzobuye uhlale endlini yokukhonzela futhi”; isifiso senhliziyo yakhe. Ngenkathi sasinomhlangano waseChicago, wayefuna ukuza kulowomhlangano, inhliziyi yakhe yayingowawo. Ngamthumelela itelegram yezilokotho zethu nabantwana, ngamtshela ukuthi sasikhulekela ukuthi asinde, masinyane impela. Nomfowethu othandekayo, owamvakashelayo, washo ukuthi wa—wayefuna nje kabi kabi ukuza. Kodwa nangu uhlezi, kulobubusuku, nathi. Niyabo? Lokho akulungiselelwanga ngaphambili. UNkulunkulu ofanayo uyakulungiselela, Wenza yonk’into isebenze ngokupheleleyo ncamashi.

²⁴ Umgxeki wake wathi “Akumangalisi uJesu wakwazi ukuthatha olofu abahlanu futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu,” wathi, “olofu babebakhulu kakhulu ngalolosuku, futhi Wavele nje wasika ulofu ngamunye ukupha inkulungwane.”

²⁵ “Ngikunika ukuba uqonde, umfana omncane wayenaso elantshini yakhe!” Umntwana omncane ephethe olofu abahlanu bezinkwa ezazingaphiwa izinkulungwane ezinhlanu zabantu,

futhi zisuthe. Manje-ke kuthiwani ngobhaskidi abayishumi nambili abagcwele abaqukulwayo kamuva na? Niyabo? O, bavele nje. . .lokho ngabagxeki nje, kuyilokho kuphela. Lokho akuliguquli iZwi likaNkulunkulu. Liyafana nje, niyabo, liqhubekelela phambili.

²⁶ Manje, sifuna ukukhuluma manje phezu kokukholwa, nohlobo olwehlukile lokukholwa: ukuKholwa okuPhelele. Leyo yinto enkulu. Manje, ukukholwa, siyatshelwa eBhayibhelini, “UkuKholwa kuvela ngokuzwa.” Manje, ungeke wasindiswa ngaphandle kokukholwa. Futhi ukukholwa kuyinto ofanele uyikhholwe ukuthi ikhona, ukuthi ngempela akukho lutho olunye oluyokumemezela ukuthi kukhona kodwa ukukholwa. Manje ngizama ukuletha ukukholwa kini, ukuze nikwazi ukulungela lomuzqga womkhuleko, emizuzwini elandelayo embalwa.

²⁷ Manje, ukukholwa: “Oza kuNkulunkulu umele akholwe ukuthi Ukhona.” Futhi akunakwenzeka uku—ukumthokozisa uNkulunkulu ngaphandle kokukholwa, ungeke waMthokozisa. Futhi uma uthi uyamkholwa uNkulunkulu. . .awukaze uMbone, niyabo, ngakho-ke kufanele uKukholwe ngokukholwa. Futhi uma ubungaMbona, bekungeke kusaba ngokukholwa. Niyabo? Noma yini imizwa okumemezelayo, akusesikho ukukholwa, sekuyiqiniso lesayense; niyabo, akusesikho ukukholwa. Kodwa ufanele uMemukele ngokukholwa. “Futhi lowo oza kuNkulunkulu umele akholwe nguNkulunkulu; nokukholwa kuvela ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Niyabo? Umele kuqala ukholwe ukuthi *leli* yiZwi likaNkulunkulu, futhi umele uze kuNkulunkulu ngeZwi. Niyabo? Nje thatha iZwi, eLikushoyo, futhi “Liqinisile!” Konke okunye okuphambene naLo, akulungile.

²⁸ UAbrahama kwakufanele akholwe nje lokho leloPhimbo elamtshela khona. Futhi lapho eseneminyaka eyikhulu ubudala, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, wayeqine kakhulu eLikholwa kunalokhu ayeyikho iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu eyedlula ngenkathi Linikwa yena. Niyabo? WaLikholwa. Futhi “Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo, azi ukuthi Wayemandla okwenza lokho Ayekwethembisile.” Futhi yileyondlela, wonke umuntu ufanele abe ngaleyondlela. Ufanele uze nokukholwa okungehlulekiyo, ukholwa ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso. Kodwa manje, ufanele ube sendaweni eyiyonayona ukuba ube nalokho kukholwa, futhi yilokho esizokhulumela phezu kwakho; niyabo, ukwemukela lokho kukholwa.

²⁹ KumaHeberu, iNcwadi yamaHeberu, isahluko 11, siyatshelwa lokho.

. . .ukukholwa kuyizinto ezithenjwayo, . . .

³⁰ Manje, nakhu lapho abantu abaningi behluleka khona ukwemukela ukuphiliswa kwabo, noma abakucelayo, ngoba bathatha ukukholwa kube yinto okungesiyo. Niyabo? Abakukholwa. Ku—ku...a—akusikho ukucatshangelwa. Kuyinto ekhona ngempela.

³¹ Manje, lalélisisani! Niyabo, akusikho lokho okucabangelayo. Kuyikho ngempela nje kuwe njenganoma yimuphi umuzwa womzimba wakho oyomemezela noma yini enye into. Kuyikho ngempela nje njengoba amehlo ami lithi, “Lesi yisiqephu sephepha.” Kuyikho ngempela nje njengokuthi “lelo yilambu.” Kuyikho ngempela nje njengokuthi, “Ngiyalizwa ngokulithinta ibhantshi lami.” Kuyikho ngempela nje njengoku—njengoba ngizwa leyongane ikhuluma lapho, noma ibanga umsindo wayo. Niyabo, kuyikho ngempela kanjalo nje, njengoba kudlala umnyuziki. Kuyikho ngempela nje njengoba nginambitha noma yini emlonyeni wami. Kuyikho kwangempela, kuphela ungeke wakukhombisa omuny’umuntu. Unakho wedwa. Amen! Kungokwakho. Ukukholwa kuyinto; niyabo, hhayi nje inganekwane. Ngakho, abantu abaningi bafika...

³² Manje, lezi yizifundo ezijule ngempela, futhi ngizobamba isihloko sakho, bese-ke umba ushone phansi kukho. Niyabo?

³³ Qaphelani, kuyinto onayo; hhayi ukucabangela, uma unakho ngempela. Kuyikho ngempela nje kuwe njenganoma yiyiphi enye into ebingabakhona. Kuyikho ngempela nje njengoba—njengoba wazi ukuthi—ukuthi ugibele imoto yakho. Kuyikho ngempela nje njengoba wazi ukuthi uhlezi endlini yokukhonzela. Kuyikho ngempela nje njengoba uzwa iphimbo lami. Kuyinto, hhayi ukucabangela, hhayi amadlingozi; kodwa into ethize onayo, futhi kufika kuwe ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu, futhi Lelo kuphela. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Lokho kukubuyisela lapho okukhona ukukholwa kwakho, ke, akukho kumuntu othize ngamunye. Akukho kumuntu. Akukho ehlanganweni. Akukho eqenjini labantu. KukuNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uyiZwi. Niyabo? Ukukholwa kwakho kukuNkulunkulu.

Ukukholwa kuvela ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu.

³⁴ Manje-ke ngenkathi uNkulunkulu, ngeZwi laKhe,... hhayi ngalokho okwenziwa ngomuny’umuntu, okwashiwo ngomuny’umuntu, kodwa ngalokho okwashiwo yiZwi likaNkulunkulu. Wathi, “Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe iqiniso.”

³⁵ Manje, ubona omunye umuntu enza into ethize ngomsebenzi noma isenzo sikaNkulunkulu, noma isithembiso sikaNkulunkulu; nabaningi babo bathi, “Ngingakwenza lokho, nami.” Kungukucabangela. Futhi uma bekwenza, ubathola befahlazekile phandle lapho ndawondawo. Kufanele kube yinto. Manje, lokho sekungashiwo ukuthi ukukholwa. Lokho

kuyinto ethize engakuletha ekukholweni. Sekungashiwo ukuthi yikho, njengoba uma ubungangicela isihlahla som-oki, bese ngikunika isithelo som-oki. Sekungashiwo ukuthi unesihlahla som-oki, kodwa asikazivezi nokho; kodwa uma ngempela sesithela sona uqobo, sekuyisihlahla som-oki. Futhi uma ucabangela ukuthi uNkulunkulu uyakwenza lokhu, . . . Kodwa uma kwembulwa kuwe, sekungukukholwa-ke, ukuKholwa okuPhelele okungenakwehluleka.

³⁶ Yingalesosizathu leyomibono imikhulu kakhulu kangaka—kangaka kimi, ngoba kufakazelwe ukuthi “kuqinisile” ngaso sonke isikhathi. Niyabo? Futhi ngiyazi ukuthi Wakwethembisa lokho. Futhi Wakwethembisa eZwini laKhe, futhi nangu Eza futhi wakwethembisela lolusuku. Ngakho-ke, uyazi lapho omi khona, ngenkathi Esho njalo. Niyabo, lokho kunginika ukukholwa, ngoba Akenzi lutho neze oluphambene neZwi laKhe elilotshiweyo. Niyabo? Futhi uma bekuphambene neZwi, bengegeke ngaba nokukholwa kukho. Kukubuyisela ngqo futhi eZwini, niyabo, ukukholwa ekuzweni iZwi likaNkulunkulu. Ufanele uzwe iZwi! IZwi likaNkulunkulu liyileloZwi elenele konke. Liyikho konke okudingayo, yileliZwi.

³⁷ Manje, ukukholwa kuyinto, futhi phakathi lapho siyathola (kumaHeberu) ukuthi ukukholwa kwakuyini, nokuthi labo benzani ababenokukholwa. Niyabo, ziningi izikhathi lapho abantu benokukholwa namhlanje, futhi kusasa abasenakho; ngosuku olulandelayo sekukhona *into ethize*, *nenye into ethize*. Kodwa uma uNkulunkulu eke wakugxilisa okwehange, futhi ukubona, akukho lutho oluyoke lukwenze ugudluke kukho. Uyagwaza nje, ufinyelela, ucabangela. Futhi *ukucabangela* kunguku “linga ngaphandle kwegunya”; uyakuzama nje *lokhu*, futhi uzama *lokhu*, futhi uya *ngapha*, futhi ugijime *lapha*, futhi ugijime laphaya. Awukabi nakho ukuKholwa! Kodwa uma . . . yilokho esikubiza ngoku “Kholwa.”

³⁸ Ngi—ngi—ngi . . . Ngiyaxolisa. Ngifuna ni . . . Ngiyabonga, mfowethu.

³⁹ Ngi—ngifuna nikuthole lokhu manje. Si . . . iBandla lifanele Liziphakamisele emandleni kaNkulunkulu. Kanjani na? Sesisondele kakhulu ekupheleni, manje; futhi ngikholwa ukuthi iBandla lisesimweni lapho singaLifundisa khona izinto ezithe ukujula kakhudlwana, bese sihlikihla sikhipe lokhu ukuzenzisa, niyabo, bese singena entweni ethize yangempela. Niyabo? Kufanele kube yinto ethize oyaziyo!

Futhi uma uthi, “Mfowethu Branham, lokho akusikho ukukhanya.”

“Nokho ngiyazi ukuthi ngukukhanya.”

“Wazi ngani ukuthi ngukukhanya na?”

“Ngiyakubuka.”

“Awu, wazi kanjani ukuthi ubungeke waba naphutha na?”

“Ukubona kwami bekulokhu kumemezela njalo kimi ukuthi lokho kwakungukukhanya.” Niyabo?

⁴⁰ Futhi yingalesosizathu ngiyikholwa leyo mibono, ngoba ubuhlala njalo umenyezelwa ngokuthi uyiqiniso, ngoba uvela eZwini. Niyabo? Manje-ke uma Ekusho, lokho kuyakuxazulula. Manje, uma kumenyezelwa kanjalo, akusekho-msebenzi wokuqagela, kuzoba yikho. Bese-ke ukuzwa “ISHO KANJE INKOSI,” niyabo, ngoba ku—kungaphambili le kokucabanga komuntu. Sekuphezulu ezindaweni zokucabanga kweNkosi. Kodwa umi lapha, njengomVini nje...njengegatsha nje liveza isithelo esisemVinini. Niyabo? UNkulunkulu usebenzisa umuntu, futhi umuntu kuphela. UNkulunkulu akasebenzisi imishini. UNkulunkulu akasebenzisi iqembu lamadoda. UNkulunkulu akasebenzisi izinhlangano. UNkulunkulu usebenzisa abantu ngamunye, njalo!

⁴¹ Manje, ukukholwa kuyinto, futhi ngakho, siyaqonda, zonke zalezozinto ziyenziwa. Akusikho—akusikho ukucabangela, kuyinto; ikakhulukazi ukuKholwa okuPhelele. Yilokho engikhuluma ngakho kulobubusuku, ukufinyelela ekuKholweni okuPhelele. Akusikho ukucabangela.

⁴² Manje, abanye, banabantu abafike bathi, “O, nginakho konke ukukholwa; o, impela nginakho.” Awu, umeleni lapha, pho? Niyabo? Niyabo? Niyabo, zona impela izenzo zakho—zakho zifakazisa ukuthi awunakho okhuluma ngakho. Niyabo? Ukuba ubunokukholwa, pho yini oyimele emgqeni womkhuleko na? Niyabo? Uzenzelani lezizinto na?

⁴³ Niyabo, ukuba ubunokuKholwa okuPhelele, ubuzobuka ngqo kuNkulunkulu futhi ukukholwe, bese usuka uhambe. Ubu—ubungezokuba nasidingo sokuzongena emgqeni womkhuleko. Ubungezokuba nasidingo salezizinto, ngoba ukukholwa kwakho sekukwenze kanjalo. Niyabo? Bekungangisiza ngani ukuba ngithi, “Ngifanele ngigqoke iyembe na”? Ngiligqokile iyembe!

⁴⁴ “Wazi kanjani ukuthi ugqoke iyembe na?”

⁴⁵ “Awu, ngiyalibona, ngilithinte, futhi ngiyalazi ukuthi lilapho.” Awu, lokho kuyiqiniso kanjalo-ke nje ukuthi uma ukuKholwa okuPhelele kubambelela. Awusa—awusadingi lutho olunye. Sekuvele kwenziwe; uyakwazi.

⁴⁶ “Ukwazi kanjani na?”

⁴⁷ “Ukukholwa kungitshela kanjalo!” Yilokho-ke. Niyabo? Seniyakuthola manje, ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lokho kuKholwa okuPhelele.

⁴⁸ Manje, ngamany’amazwi, ngiyalinga, “Awu, ngizohamba. IBhayibheli lathi, ‘Biza amalunga, awagcobe ngamafutha, akhuleke phezu kwakho.’ Ngiyazi, ngizokwenyuka.” Futhi wena

uthi, “Awu, ngizophiliswa.” Niyabo, uzenzela wena; awuqapheli manje, uzozenzela wena nje—nje osetshenziwe. Bese kuthi-ke uma edlula, uthi, “O, ngisalokhu ngi—ngingaboni.” Uyabo, ubulapho-ke, ubungenakho ukukholwa!

⁴⁹ Ukukholwa kwakho kwangoqobo kuyokwenza khona lapho. Ukukholwa kwakho—kwakho kwangoqobo kuyokwenza kube yikho kakhulu ngempela kuwe lokho. . . . Bukani lowo wesifazane omncane enompho, wathi, “Uma kuphela ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngizophiliswa.” Futhi wathi nje angakwenza, wathi wa “zizwela phakathi kwakhe ukuthi umopho wakhe wase unqamukile.” Wakukholwa ngempela.

⁵⁰ Futhi ngenkathi eYithinta. . . ukufakazisa ukuthi unqamukile—unqamukile, uJesus waphenduka wayesethi, “Ubani oNgithintile na?” Lokho kuKholwa okuPhelele! Nalokho kuKholwa okuPhelele okufanayo kulobubusuku, kuzothinta uJesusu Kristu njengoba nje kwenza ngaleyonkathi. Owesifazane uza nokuKholwa okuPhelele kwalesosikhathi.

⁵¹ Manje, manje siyabona, kuqala abafundi babengenakho lokhu ukuKholwa okuPhelele. Babengenakho, ngoba babekade benoKristu, behamba naYe; kodwa kwase kuthi-ke kamuva, uKristu wayesekubo. Futhi ngakho, niyabo, kul’khuni-ke ukuba nalokho ukuKholwa okuPhelele ngaphandle kukaMoya oNgcwele; Ufanale akulethe, Uyakuletha. Manje, wena uthi, “Abafundi babengenakho ukuKholwa okuPhelele na?” Qhabo; ngokuba babenomntwana onesithuthwane lapho, ababezama ukukhipha lelidemoni kuye, futhi abakwazanga ukukwenza.

⁵² Nobaba wayebone uJesusu eza, wayesethi, “Silethe indodana yami ku—kubafundi baKho, futhi abakwazanga ukuyiphilisa.” Niyabo?

⁵³ Futhi kamuva, abafundi babuza uJesusu, bethi, “Kungani singakwazanga ukuyiphilisa na?”

⁵⁴ NoJesusu wathi, “Ngenxa, yokusilalelwa ukukholwa, kokungakholwa kwenu.” Kunjalo. “Ngenxa yokungakholwa kwenu e. . .”

⁵⁵ Manje khumbulani, babenamandla. UJesusu wayebaphe amandla ukuba baphilise abagulayo, ukuba bavuse abafuleyo, nokukhipha amademoni, izinsuku ezimbalwa nje phambi kwalokho. Babenamandla, kodwa hhayi ukukholwa ukuba basebenzise amandla. Manje, nanto iTabernakele likaBranham! Nanto iBandla, uMlobokazi, namhlanje! UMoya oNgcwele ulapha namandla, kodwa wena, awunakho lokho kukholwa ukuba kuwanyakazise. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kuthatha ukukholwa ukuwanyakazisa.

⁵⁶ Lapha: ngingegobolondo engililayishe esandleni. Ngiyazi ukuthi lizokwenzenjani ngebalistiki isayensi lokuphonsa noma yiluphi uhlobo lwezinhlamvu, njengeZwi, kodwa ngifanele ngidubule ngesibhamu. Umlilo uzofanele ufinyelele

kwimpuqusi. Impuqusi inamandla, kodwa izofanele ibe nomlilo ukuyilayitha. Nento efanayo, impuqusi isegobolondweni, kodwa idinga ukukholwa ukuyifaka amandla bese uyayijikijela phandle. Kuthatha lokho-ke, niyabo, ukuKholwa okuPhelele ukokhela amandla kaMoya oNgcwele esinawo manje, selokhu Efikele phezu kwethu; ukukholwa ukuba kokhele, ukubona izinto ezinkulu, kunguku . . . ukukholwa, into okuyethula kini.

⁵⁷ Ngenhliziyo egcwele ukujabula, uyahamba uye egumbini labagulayo, wazi impela ukuthi uzothini. Uhambe ungene lapho futhi wazi ukuthi kuzokwenzekani, into ethize esivele yembaliwe, futhi uyayazi. Futhi uhamba ungene, “EGameni likaJesu Kristu, usukume lapho. ISHO KANJE INKOSI!” Nakho lapho okhona; lokho ngukuKholwa okuPhelele. Uma bekungabakhona abantu abayizigidi eziyishumi bemi lapho bethi ngeke kwenzeka, wena uyazi ukuthi kuzokwenzeka noma kanjani, ngoba wena uyakwazi. Kuzokwenzeka. Kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu uthini, nguwe onokukholwa.

⁵⁸ Wawungathini nje, uJoshuwa, abizele amalunga akwaIsrayeli ndawonye wayesethi, “E, bazalwane, siyizinceku zeNkosi, ngithanda ukuba nisho i . . . nibuze iNkosi ukuthi bekungakuhle yini uma—uma Ibingasinika okunye ukukhanya kwelanga okukhudlwana, niyabo, bese imisa ilanga okwesikhashana?”

⁵⁹ Lutho; wayenesidingo sakho (futhi ngaphandle komkhuleko, ngaphandle kwanoma yini), wayenesidingo sakho, futhi nje wavele wayala ilanga! Wathi, “Yima lapho! Nginesidingo, futhi ngisenkonzweni yeNkosi, futhi Ingithumele ngapha ukuba ngenze lomsebenzi, futhi ngenza okungcono kunakho konke engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, nesitha siyaxoshwa, futhi ziphumele lapha; uma ngivumela ilanga lishone, zizoqoqana ndawonye bese zingibangela eningi inkathazo. Ngakho, yima! Futhi, nyanga, wena lenga lapho!” Amen; lalenga lapho amahora angamashumi amabili-nane.

⁶⁰ Manje, uma izwe liphenduka futhi aliphakamise, nelanga lahlala endaweni futhi alihambanga, kwenzekani-ke? Manje, uzenze wena umphikinkolo, uma uthi nga *lokhu*; bese kuthi-ke uma ungakwenzi, impela wenziwa isilima yisayense, ngoba bathi uma izwe lama, laqathaka. Ngakho manje ini na? Futhi uma uthi iZwi likaNkulunkulu aliqinisile, khona-ke ungumphikinkolo. Niyabo? Kodwa kwenzeka, leyo yinto enkulu. Angizazi ezemishini yakho, kodwa kwenzeka!

⁶¹ Angizazi ezemishini zikaMoya oNgcwele, kodwa ngiyazi ukuthi Wehlela kimi. A—angikwazi ukusho ezemishini zaWo, kodwa ngiyazazi izibusiso zaWo. Yilokho—yilokho kuphela engi—engikhathalele ukwazi ngakho, yizibusiso zikaMoya oNgcwele. Nezemishini, Uyazisebenza. Leyo yimfihlo yaKhe.

⁶² Lomfana akakwazanga ukuphiliswa, ngoba... Abafundi babenamandla; uJesu wabapha amandla ukuba baphilise lonke uhlobo lokugula, ukuba bakhiphe amademoni, ukuba bahlambulule abanochoko, nokuvusa abafileyo. Wabapha amandla, kodwa babengenakho ukukholwa ukusebenzisa amandla ababenawo. Base-ke bebuza uJesu base bethi, “Awu, manje, kungani thina singakwazanga ukukwenza na?”

⁶³ Manje, khumbulani, babeneZwi; neZwi laliyiNyama ngaleyonkathi. NeZwi labatshela, “Nginipha amandla.” Amen! “Nginipha amandla.” Futhi babenamandla, kodwa babengenakho ukukholwa ukuba basebenzise iZwi elalikuba. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kodwa uJesu wayenakho, WayeyiZwi, futhi Wayenokukholwa ukuthi Ayekushilo kwakuzokwenzeka. Wathi, “O, mletheni lapha. Koze kube nini Nginibekezelela na?”

⁶⁴ Wayenokukholwa, namandla aKhe. Wenza kanjani na? Wathi, “Ngingenze lutho ngokwaMi.” Ngani na? Wethembela phezu kwalokho Ayeyikho; Wethembela ekwazini ukuthi WayeyiZwi. Futhi Wayenokukholwa kuNkulunkulu, OwaMenza iZwi. WayenguNkulunkulu (iZwi), futhi babekuye, futhi lokho kuMnikeza ukukholwa ngoba Wayiqonda indawo yaKhe eyiyonayona. Wayazi ukuthi Wayeyini, ngoba umBhalo wawushilo ukuthi Wayeyi*lokhu*. Futhi lapha yonke imiBhalo iboshelwe phakathi, ukufakazisa ukuthi Wayeyilokho impela umBhalo owawuthe Uyoba yikho, futhi Wayazi ukuthi Wayeyini.

⁶⁵ Ngakho-ke, Wethembela kulokho uNkulunkulu ayeMenze khona. Futhi uma Enza lokho, manje-ke thina singethembele yini phezu kwalokho uNkulunkulu asenza khona njengamakholwa na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo!” Wayenokukholwa kulokho Ayeyikho. Futhi uma uyikholwa, unokukholwa kulokho oyikho: uyikholwa! Futhi uma unokukholwa kuNkulunkulu, iBhayibheli liyasho ngapha e... “Uma ezethu—ezethu izinhliziyi zisilahla, khona-ke asikwazi ukuba nokukholwa; kodwa uma izinhliziyi zethu zingasilahli, khona-ke sinokukholwa, sinesibindi ngakuNkulunkulu.” Uma nifuna ukukufunda lokho, kutholakala kuJohane oNgcwele 3:21. NginomBhalo obhalwe phansi lapho.

⁶⁶ Manje qaphelani, uJohane oNgcwele... Ngiqonde uJohane wokuQala 3:21. Qaphelani.

...uma izinhliziyi *yethu ingasilahli, sinesibindi kuNkulunkulu.*

⁶⁷ Kodwa inqobo nje uma wenza izinto engalungile, ungeke waba nesibindi ngakuNkulunkulu. Ngakho, uyabo, unga... uzokwazi ngokuzenzekelayo ukuthi usephutheni. Ngokuzenzekelayo uzibeka emuva lapho ekubeni yisoni,

ngokwazi ukuthi usephutheni. Kodwa uma inhliziyo yakho ingakulahli, futhi uyazi ukuthi uyikholwa, futhi akukho lutho phakathi kwakho noNkulunkulu, ungacela okuthandayo futhi wazi ukuthi kuzonikezwa, ngoba yiZwi elinikwa wena njengoba nje kwakunjalo kulabo bafundi.

⁶⁸ Manje, into kuphela ofanele uyenze-ke, ngukuba nokukholwa kulokho oyikho. Yiba nokukholwa kulokho iZwi elithi uyikho! NoJesu wayenokukholwa eZwini likaNkulunkulu, elakushoyo Ayeyikho, “Kulotshiwe ngaMi.” Akazange yini uDavide, emaHubweni; nabaprofethi, nabo bonke bakhuluma ngaYe na? “NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini.” Amen! “NgiyilowoMuthi wokuPhila ovela ensimini yase-Edene. Ngiyizo zonke lezizinto, NGINGUYE ENGINGUYE.” Futhi Wayazi ngalokho kuKholwa okuPhelele, ukuthi WayenguMesiya ogcotshiweyo, ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawuphezu kwaKhe. Wathi, “Manje, Mina, kiMi uqobo, angenzi lutho; kodwa ngukukholwa kwaMi kuNkulunkulu.” NoNkulunkulu wayekuYe, iZwi libonakaliswa. Futhi uma iZwi likaNkulunkulu liza lingena kuwe, Liyabonakaliswa, ngokuba uyikholwa. Niyabo? Futhi ikholwa nguku “kholwa kukaNkulunkulu okuhamba kuwe.”

⁶⁹ Niyakuthanda lokho na? Ngi—ngi—ngiyathanda uma ni . . . ngiyathanda ukufundisa kwalapho i . . . ukuthi kukanjani . . . ukuthi ukukholwa ngempela kuyini.

⁷⁰ Azi ukuthi WayenguBani, ngaphandle kwethunzi lokungabaza, Wayazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Wayekwazi, ngokuba iZwi lakhomba. IZwi likaNkulunkulu lakhomba ukuthi WayenguBani. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa; kodwa uma—uma Ngingayenzi leyomisebenzi, ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngiyenza, khona-ke kholwani yimisebenzi, ngokuba iyiZwi elithenjisiweyo libonakaliswa.” O, uma nje beningaphaphama kulokho, umzuzu! Niyabo, iZwi uqobo lwaLo laMkhomba, ukuthi WayenguBani. Futhi Wathi, “Ubani ongaNgilahla ngesono na?” Ngamany’amazwi, “Ubani ongaNgikhombisa ukuthi impilo yaMi nemisebenzi yaMi akugcwalisi ncamashi okufanele kwenziwe nguMesiya na?” Akekho owayengasho lutho; ngokuba Wayenguye. Ngakho-ke Wayenokukholwa ukuba akholwe, ngaleyonkathi; okwanoma ngabe yini Ayishoyo, wayenzeka.

⁷¹ Wayesephenduka-ke wayesethi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisangibona; kepha nina niyakubona, ngoba Ngiyakuba nani, ngibe kini. Ningazindli ukuthi niyakuthini, ngokuba akusini enikhulumayo, nguYihlo ohlala kini; NguYe Okhulumayo. Futhi AkusiMina, NguBaba Ohlala kiMi, Wenza imisebenzi.” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

⁷² Manje, inkomba yomKristu womBhalo, lamaZwi ashiwo nguJesu: “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Manje, ungazibiza kanjani ngekhohla, abantu, futhi uphike lawomaZwi na? Ungazibiza kanjani ngekhohla futhi uphike noma yiliphi laleliZwi na? Niyabo? Ungeke wakwenza. Awusilo ikholwa, ngakho-ke izibonakaliso ngeke zalandela, ngoba nje wemukela ofuna ukukukholwa bese uyekela konke okunye kwaLo...ungeke—awuLikhohla. Kodwa ufanele uthathe yonke into, futhi uLikhohla. Futhi uma ukholwa ngempela (hhayi ukuthi uzenzise, kodwa ukholwa ngempela), khona-ke lezizibonakaliso ziyabalandela abakholwayo.

⁷³ O, ubungamqathanisa yini umKristu namhlanje nalawomaKristu akudala na? Ukuthi labobafundi bahamba kanjani emandleni kaMoya, beholwa nguMoya oNgcwele, bakwenze. Isiboshwa nje, njengoba ngashumayela ngobunye ubusuku, isiboshwa eZwini nasentandweni kaNkulunkulu; sasinganyakazi ngisho size sinyakaziswe nguNkulunkulu. Ubungethanda ukubona iBanda livuka kanjalo na? Lizovuka; libuyela emuva. Lizo—lizofanele lize. Kunjalo. Li go... Lisendleleni yalo manje, ngiyakholwa.

⁷⁴ Ngokuba iZwi lakhomba, lakhomba Yena uqobo, ukuthi Wayeyini; neZwi elifanayo liyasikhomba. Niyabo? “Uma umuntu eNgithanda, ugcina umyalelo waMi. Futhi uma ethi uyaNgithanda, futhi engayigcini imiyalelo yaMi (lokho yiyo yonke), ungumqambi manga, neQiniso alikho ngisho nakuye.”

⁷⁵ Wena uthi, “Awu, angikhohla yikho konke...” Awu manje-ke, lokho...ungongakhohlayo nje, yilokho kuphela. Uma iBhayibheli lasho njalo, lokho kukwenza kube ngokuqinisisleyo, lokho kukuxazulula Phakade. Okwashiwo yiBhayibheli, kuyiQiniso.

⁷⁶ Qaphelani lapho khona Athi kithi, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini.” UJohane oNgcwele 15, “Uma nihlala kiMi, ...” Niyabo, nibe nokukholwa kuYe. “Nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini, khona-ke *nina* celani enikuthandayo.”

⁷⁷ Manje, niyabo, Wayazi ukuthi Wayengubani, ngakho-ke Wayenokukholwa. Ukukholwa kwakukwazi ukuveza ngenkathi Azi ukuthi Wayeyini. Manje, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini,” khona-ke niyazi ukuthi ningobani. “Celani enikuthandayo, niyakuphiwa khona.”

⁷⁸ Lokho bekungemangalise yini, kulobubusuku, uma wonk’umuntu engena kulowomugqa womkhuleko, athi, “NgingumKristu. Anginakulahlwa. Ngi—ngiyazi ukuthi inhliziyo yami ayingilahli. Into ethize iyangitshela ukuthi kulobubusuku ngukuphela kokuhlupheka kwami?” Lokho, uzokwenza. Uzosuka uhambe lapha usunento ethize. Akunandaba ukuthi uza kangakanani emadlingozini, ukuthi wenza kangakanani, ngeke kusebenze kuze ukuba lokho

kuKholwa okuPhelele sekubonakalisiwe futhi kwazikhomba kuwe, njengento. Futhi uma kulapho, khona-ke akukho lutho oluzokunyakazisa kukho.

⁷⁹ Uma—uma ubunomdlavuzo, nodokotela waktshela izolo ukuthi uyobe usufile ngaphambi koMsombuluko ekuseni, (yonke inhliziyi yakho, ukuphefumula kwakho akusekho, umdlavuzo ukudla uyakuqeda, umgudu wakho wegazi usuphenduke umdlavuzo ngokuphelele, noma ngabe yini); neNto ethize ifika nalento yalokhu ukukholwa kwangoqobo, ukuKholwa okuPhelele kwenziwa into kuwe, ubuyohleka ebusweni balowodokotela.

⁸⁰ Ubuyoba njengoElija omdala, ngenkathi ehla enyuka phambi kwesithixo, wayesethi, “Ningememeze kakhudlwana na? Futhi mhlawumbe uyazindla.” Wayekwazi ayezokwenza, ngoba uNkulunkulu wayemtshelele okwakuzokwenzeka. Wathi, “Makuthi unkulunkulu ophendula ngomlilo, abe nguNkulunkulu.”

⁸¹ Bathi, “Sizosithatha lesosiphakamiso.” Base bethela amanzi phezu kwama altare. Futhi ba—basiswa, futhi benze konke, futhi bamemeza, “O Bali! O Bali! Phendula!”

⁸² UElija wayezipholele ngakho konke nje. Wathi, “Memezani kakhudlwana,” wathi—wathi, “mhlawumbe uyazindla. Mhlawumbe—mhlawumbe usohambweni lokuyodoba. Mhlawumbe wenza eny’into, niyabo. Uphumile undawondawo.” Bavele nje...Nje wahlekisa ngabo, ngoba wayazi ukuthi kuzokwenzeka.

⁸³ O, bhekisisani lapho esebeke yonke into ngokuhlelekile. Waphumela lapho wayesethi, “Nkosi Nkulunkulu ka-Abrahama, uIsaka, nokalSrayeli!” Akazange ambize manje ngegama lakhe uJakobe, “umkhohlisi.” Wambiza ngoIsrayeli, “inkosana noNkulunkulu.”

⁸⁴ “Nkosi Nkulunkulu ka-Abrahama, uIsaka, nowaleyoNkosana (uJakobe), makwazeke namhlanje ukuthi ngiyinceku yaKho; futhi ngikwenzile lokhu, hhayi ngesifiso sami, hhayi ngesimo sami, kodwa ngokuyala kwaKho ngikwenzile lokhu; intando yaKho, Ungitshelile ukuthi angenzeni. Ungikhombisile ukuthi lezizinto zizoba lapha. Manje, sengiwathelile amanzi phezu kwe altare. Ngenze zonke lezizinto ngokuyala kwaKho. Manje, makwazeke!” Futhi ngenkathi esho lokho, umlilo wehla uvela emazulwini. Wayenesibindi impela nje ukuthi wawuzokwehla, ngoba wayenento. Ngani na? IZwi lasho njalo.

⁸⁵ Manje, leliBhayibheli elifanayo liyiZwi likaNkulunkulu elifanayo. Futhi uma ungayemukela into (lokho ngukuKholwa okuPhelele); into ukuthi lesisithembiso uNkulunkulu asenza *singesakho*.

⁸⁶ “Uphatheka kanjani, Mfowethu Branham, uma umi lapho futhi ubona abantu beza ngezilwimi ezehlukene nezinto na? Uyesaba na?” Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Washo njalo! Angikaze ngesabe namanje, ngoba Wangitshela kanjalo, futhi ngiyakholwa ukuthi kuyiQiniso.

⁸⁷ Uma Engitshelile kulobubusuku, ukuba ngiye emangcwabeni omongameli futhi ngivuse uGeorge Washington kusasa ekuseni, bengingamema umhlaba wonke, “Wozani nibone kwenziwa.” Bengiyothi, “Lethani bonke... lethani— lethani bonke abagxeki eningabathola bese nibamisa bazungeze, nizobona iNkazimulo kaNkulunkulu. Bekani lesosihlalo ngapha lapho eningahlala khona phansi bese niphumula isikhashanyana; uzoba lapha esikhashaneni nje, masinya nje uma sengimemeza.”

⁸⁸ Ngalobobusuku ngenkathi lowomfana omncane eFinland, ngalolosuku, njalo; elele lapho efile, ekade elele lapho ingxenye yehora, egayekile, igazi lehla liphuma emehlweni, ikhala nezindlebe; imilenze yakhe emincane yephukile, emasokisini akhe amancane amade; nezinyawo zakhe ziphumele ekugcineni kwamasokisi akhe amade, izicathulo zakhe zingasekho. Ngabheka, ngase ngicabanga, “Lowo kufanele kube yilowomfana.” Ngathi, “Ake nisho, ake sibheke ngemuva kwaleloBhayibheli, Mfowethu Moore.”

⁸⁹ Sathola uMfowethu Lindsay, uMfowethu Moore wabheka emuva lapho: “‘Futhi kuyofezeka,’ ISHO KANJE INKOSI,” (O, he!) “kuyobakhona i—izwe lapho kukhona inqwaba yokukhula kwemithi ehlala il’hlaza amacembe. Amadwala ayobe elakanyene. Umfana omncane nesitayela sezinwele ezigundwe zaba mfishane, ibhulukwe elincane elifika okhalweni lifakwe izinkinobho kwenyukele lapha, nezinyawo zakhe... amasokisi akhe amade edonseke aphakama kangaka. Uyobe enamehlo ansundu, ayobe eseguquke abheka emuva. Uyobulawa yingozi yemoto. Kodwa wena beka izandla zakho phezu kwakhe, futhi uyobuye aphile.”

⁹⁰ Kwakulapho, kubhalwe phezu kwalokho. Nango elele, amen, nje ngilinde iZwi. Ngathi, “Uma lomfana engaphili emizuzwini engangemibili kusukela manje, khona-ke ngingumprofethi wamanga, ngxosheni eFinland. Kodwa uma ephila, niwe ngobuso benu futhi niphenduke!”

⁹¹ Ngathi, “Kufa, ungeke umbambe.” Ngabiza umoya wakhe ngokweZwi likaNkulunkulu, “EGameni likaJesu Kristu,” futhi wagxuma waya phezulu. Kunjalo! Niyabo? O, he! Ukukholwa, niyabo, kwabambelela. UNkulunkulu washo njalo, nakho!

⁹² Manje, lowo ngu—lowo nguNkulunkulu ekhuluma kulolusuku ngombono. Kodwa lokhu: uma lowombono wawuphambene na*Lokhu*, lokho kungaba yiphutha; *Lokhu* kungaphezulu kombono. Uma noma yimuphi umbono

uphambene neZwi, ushiye kanjalo; awusiwo okaNkulunkulu, uNkulunkulu akaphikisani neZwi laKhe uQobo.

Ngakho, uma leliZwi lakutshela into ethize, khona-ke ungakwazi-ke ukuba nethemba elifanayo ukuthi kuzokwenzekani. Akukho lutho, . . . Uma Lithi, “Bayobeka izandla phezu kwabagulayo basinde”; awu, mfowethu, uma ukukholwa, lokho kuKholwa okuPhelele, kubamba lokho, ubuyo. . . uma wedlule ngakulomugqa womkhuleko, ubuyogxuma futhi umemeza uze u. . . uma ususuke lapha, “Sekwedlule!” Sekwedlule! Sekwedlule konke, sekuphelile! Uma ubunesicelo enhliziyweni yakho futhi ukholwe ukuthi ngenkathi lowomkhuleko wenzelwa lokho, ubuzophendulwa, akukho lutho oludingidayo, kuyilokho okuzokwenzeka; njengowesifazane enomopho.

⁹³ UJesu wayenokuKholwa okuPhelele. Wa—Wayenakho, futhi kufika ngoba WayeyiZwi. Nawe uba yiZwi; uba yiZwi, njengoba wemukela iZwi. “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini. AmaZwi aMi a. . .” (*leliZwi*) “lihlala kini, khona-ke celani enikuthandayo, futhi niyakwenzelwa khona.” Niyabo? “Uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ningangabazi, kodwa nikholelwe kwenikushilo, khona-ke niyakuba nakho enikushilo. Uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela enikucelayo, futhi niyakuba nakho; niyakuphiwa khona.” Isikhathi, indawo, akukho lutho olunye oluyoke likushintshe. Uyazi ukuthi sekwenziwe. Sekuvele—sekuvele kwedlule ngakho.

⁹⁴ Manje, bhekisisani! Manje, futhi Wathi kithi, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini,” uJohane oNgcwele, lapha, “ningacela enikuthandayo, kuyokwenziwa.” Manje-ke, qonda indawo yakho eyiyonayona emBhalweni, njengekholwa. Niyabo, ufanele uyiqonde indawo yakho eyiyonayona, njengoba Ayiqonda indawo yaKhe eyiyonayona.

⁹⁵ “Akulotshiwe yini ukuthi uKristu uyofika, nalokho konke uKristu ayokwenza na?” Wathi kuKleyophase nabo ngalokho kusa, “Akulotshiwe yini emiBhalweni ukuthi bayofanele ba. . . ukuthi Umele ahlupheke bese-ke eyabulawa bese eyavuka ngosuku lwesithathu na?” Wathi, “Yini nilibale kangaka ekuqondeni na?”

⁹⁶ Futhi bacabanga, “He, lomuntu ukhuluma okwehluke kancane kwabany’abantu.” Uthola ukuthi, ngenkathi bengena endlini yezihambi, kwakunguYe. Niyabo, amehlo abo lalivalekile kuYe. Niyabo, bazi ukuthi Wayelokhu ebeka kulowomBhalo, futhi bazi ukuthi KwakunguYe.

⁹⁷ Manje, ufanele ukukholwe okucelayo. Uma uyikholwa, ziqonde wena uqobo njengekholwa. Qonda ukuthi lezizinto zingezakho.

⁹⁸ Uma kukhona ukulahlwa empilweni yakho, kuqondise lokho kuqala. Niyabo? Uma unokulahlwa kweyakho. . . ngi. . .

noma ungahle ube no-Oral Roberts ne—nedazini abanye futhi abantu onokukholwa ukuba beze lapha futhi bakhuleke phezu kwenu, futhi bagxume phansi phezulu, futhi bathele amafutha phezukwenu ngamagalani, ku—kusalokhu ku—kungeke kunyakaze. Kunjalo.

⁹⁹ Yini ewa emihlanganweni ka Oral kulokho na? Ngiyababamba emgqeni womkhuleko. UyaMuzwa ethi, “Ukhulekelwe ngaphambilini. Indoda enezinwele ezinsundu, uhlobo lomfo omkhulu, imihlathi emikhulu.” Lowo ngu Oral Roberts. Niyabo? “Nalokho kwakusedolobheni *elithize*; elibizwa ngento *ethize, thize*.”

¹⁰⁰ “Yebo, kunjalo.” Niyabo?

¹⁰¹ “Ukhulekelwe ngumuntu *othize-thizeni*.” Niyabo, kunjalo. “Kodwa nansi. Nansi inkathazo yakho.” Niyabo? “Hamba ulungise leyonto. Phumela lapho bese uyasivuma lesosono kumyeni wakho, kumkakho. Hamba wenze *lento*.” Akusoze kwakusiza ngalutho, akunandaba ukuthi ukhulekela bani, uze ulungise lokho. Ukulahlwa kusenhliziyweni yakho, futhi uNkulunkulu ngeke eze angene kuleyonhliziyo elahliwe. Niyabo? UNkulunkulu akahlali kulokho; ufanele ukulungise. Bese kuthi uma ukwenza, ufanele ube nokukholwa. Uma yonke into ihamba kahle, ufanele ube nokukholwa futhi ukukholwe. Ungesabi.

¹⁰² ENcwadini kaJobe, Iyasho lapha, “UJobe wesaba.” Futhi lokho ayekwesaba, kwenzeka ngempela. Kwalethwa yini na? Ukwesaba kwakhe. Yilokho okwakwenza kwenzeka. Ukukholwa kwakhe kwakuyomdedisa kukho, kodwa ukwesaba kwakhe kwamletha...kwakuletha kuye. Wayesaba ukuthi kwakuzokwenzeka, futhi kwenzeka. Manje, uma beku—wayazi ukuthi kwakungezokwenzeka, kwakungezokwenzeka. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

¹⁰³ Uma wesaba lapho uza ngomugqa womkhuleko, “Mhlawumbe anginakho nje ukukholwa okwenele”; soze kwenzeka, ungakhathazeki. Niyabo? Kodwa uma wazi ukuthi kuzokwenzeka, kuzokwenzeka. Niyabo? Niyabo, kuyinto yento ethize. UJobe wayenokwesaba ukuthi lezizinto zazizokwehlela kuye, futhi zakwenza. Uma unokwesaba ukuthi isifo sakho sizosuka kuwe...noma ngeke sisuke kuwe, singeke. Uma unokukholwa, ukuthi kuzokwenzeka.

¹⁰⁴ Buza noma yimuphi udokotela wezokwelapha. Into yokuqala azozama ukukuthola ukuba uyenze, ngukuba nethemba emthini akunika wona. Uma ungenathemba kuwo, kungecono uwuyeke kunjalo. Niyabo? Impela! Kuyini-ke manje na? Ngukukholwa okwenza ukuphilisa; ngukukholwa okukwenza ngaso sonke isikhathi.

¹⁰⁵ UPetru, wayenza kahle waze washaywa wuvalo. IZwi lamtshela, wayekwazi ukuhamba phezu kwamanzi. Washaywa

wuvalo kuqala, wayecabanga ukuthi kwakuyi—yisipoki, wayesethi, “Nkosi, uma kunguWe, yisho ukuba ngize kuWe phezu kwamanzi.”

¹⁰⁶ Wathi, “Woza.” Manje, lokho kuyafana nje noJakobe 5:14, kuyafana noMarku 16. UNkulunkulu ofanayo waLisho, wathi, “Woza.” Futhi ngakho waqala ukuhamba. Wenze kahle, wehla epsuma emkhunjini, waqala ukuqhubeka. . .

¹⁰⁷ Kwakukhona isiphopho olwandle, niyazi; amakhulu, amagagasi ayikepisi elimhlophe, emakhulu kunalamagquma azungeze lapha, idlambi libhidlika phezu kwawo; kwesabisa, mhlawumbe ishumi nanhlanu, idlambi elingamafidi angamashumi amabili, amakepisi amhlophe ebhidlika. Naleyo kwakuyinto eyesabisayo kuye ukuba ayicele, “Uma kunguWe, Nkosi, . . .” Niyabo, Wayebukeka njenge. . . lapho ebukeka njengesithunzi noma umoya. Wathi, “Uma kunguWe, yisho ukuba ngize kuWe phezu kwamanzi.”

¹⁰⁸ UJesu wathi, “Woza.”

¹⁰⁹ Wayesehla, wathi, “YiNkosi, ngizovele ngihambe nje.” Kodwa lapho ebhekisa amehlo akhe phezu kwamagagasi, washaywa wuvalo. Yini efika emqondweni wakhe na? Into yokuqala, u. . . “Ngizohamba ngoba iZwi lithe kimi angihambe.” Nento elandelayo, wabuka kweyakhe. . . awu, wabuka kwakubonayo kwakhe; wabuka phandle lapha wayesebona ukuthi ayemakhulu kangakanani lawomagagasi, wayeseshaywa wuvalo; futhi ngenkathi ekwenza, washona phansi. Niyabo? Ayekwesaba, kwenzeka! Ayekukholwa, kwenzeka! Ngenkathi ekholwa ukuthi wayengahamba, wahamba; ngenkathi ekholwa futhi washaywa wuvalo, ekukholelweni kwakhe, khona-ke into yakhe yamshiya. Niyabo? Wayesalokhu ekuvuma ukukholwa kwakhe, kodwa wayengenayo into. Into yayiyohamba ngqo yeqe ngaphezu kwalelo kepisi elimhlophe futhi aqonde ngqo kuYe, niyabo, uma enokuKholwa okuPhelele. Niyabo? Kodwa wayengenakho. Wayecabanga ukuthi wayenakho. Wayenakho ekuqaleni, wayekufuna ukuphuma ngesibindi ngqo, “Ngani, iNkosi ingitshele ukuba ngikwenze, kufanele kwenzeka.” Ngakho wavele nje wehla waphuma ngqo esikebheni, futhi uyasuka. Akazange acabange nga—nga—nga—ngamagagasi, ukuthi ayephambene kanjani. Akazange abe nalokho engqondweni yakhe.

¹¹⁰ Manje, uma ucabanga, “Awu, manje awume. Futhi, niyazi, kade ngigula isikhathi eside kangaka, ngi. . .” Yima! Ungavele nje ubuyele esikebheni. Niyabo? Niyabo? Kodwa uma uyeka ukucabanga ngalokho, . . .

¹¹¹ “UAbrahama akawunakanga umzimba wakhe uqobo, manje osufile, nakufa kwesizalo sikaSara.” Akacabanganga ngalokho, akakunakanga ngisho. Akulethwanga ngisho eku—ekuqondeni. Akazange ngisho akunake nhlobo; wavele nje

wanaka okwashiwo uNkulunkulu, futhi waqhubeka. I—inqobo nje uma uPetru wayekwenza lokho, wahamba.

112 Kodwa uJesu wayephila ezweni okungekho-muntu owayazi ngalo, WayenguMuntu oyingaba. Wayephila ezweni lokuKholwa okuPhelele kuNkulunkulu oPhelele, ayekuYe. Uma besiphila eKukholweni okuPhelele komKristu, kulokho esiyikho, besiyoba yinkinga ezweni; abantu bebengeke baniqonde. Beniyohamba kuMoya. Lokho okushiwo uMoya, beniyokwenza. Lokho Akunqabelayo, beningeke nikwenze. Bese-ke abantu beqala ukuthi . . . ba . . . beniyoba u—umuntu oyinkinga kubo.

113 Kungaleyondlela kuwo onke amakholwa, ayinkinga. Abantu abaqondi, ngoba baziphilela bona uqobo ezweni. UJesu wayephila ezweni elalingethintwe-muntu omunye. Abafundi babengeMqonde. Ngenkathi Ekhuluma kubo, basho *lokhu*. Base-ke bethi, “Ngani, U—Ukhuluma ngezimpicabadala! A—asikuqondi lokhu. Lokhu kungaba kanjani na?” Niyabo, babengekho ezweni Ayephila kulo. Niyabo, babengeke baMqonde, akekho owayengaMqonda.

114 Futhi ngakho uma umuntu ephila ngokukholwa futhi ehamba ngokukholwa, ngiqonde ukukholwa okuyinto, ukhishwa inyumbazana emhlabeni wonke jikelele bese eba isidalwa esisha kuKristu. Lapho, manje ningena empahleni yoMlobokazi. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Ningena esimweni sokuhlwithwa, manje. Lokho kuqonde ngamunye wethu; hhayi nje umelusi, abadikoni, abaphatheli. Lokho kuqonde ilunga nje, wonk’umuntu ngamunye uhamba ezweni noNkulunkulu yedwa. Ubhaphathizelwa kuloMbuso, futhi akukho-muntu phakathi lapho kodwa nguwe noNkulunkulu. Niyabo? Unikeza iziyalo, bese uyazithwala uphuma nazo. Noma ngabe yini Ayishoyo, akukho-sithunzi sokungabaza ndawo, uhamba uqonde phambili. Uma iNkosi isho *lokhu*, akukho-muntu ezweni ongakhuluma akukhiphe kukho, uhamba uqonde phambili ngokufanayo nje. Manje uzongena ekuKholweni okuPhelele, ukuphelela okuphelele okungenakwehluleka. *Lokho* kukholwa akwehluleki neze. Yebo, Wayengoyinkinga kubo ngokuKholwa kwaKhe okuPhelele; futhi kunjalo namanje kulabo abanokuKholwa okuPhelele, bangabayinkinga kwabanye.

115 Siyafundiswa uku “melana nodeveli, futhi uyosibalekela.” Manje, uku *melana* kungukuba nje kalula “umale”; *melana* naye nje, kungukuthi “nje suka kukho.” UNkulunkulu washo into ethize; akunandaba ukuthi uzama ukukutshelani, awumlaleli ngisho. Une . . . izindlebe zakho azizwa kunoma yini enye ngaphandle kwalokho okushiwo nguMoya. Niyabo? “Kulowo onendlebe (olaleyayo), abone ukuthi uMoya uthini emabandleni”; lowo onesigxobo sokulalela, obamba lokho okushiwo nguMoya emabandleni. Niyabo?

116 Okushiwo nguSathane, “Awu, nje ngeke nga...” Lokho akuhlangene ngalutho na... “Awu, uma ufundisa *lokho*, ihlelo lizobeka...” Lokho akuhlangene ngalutho nakho, uqonda phambili nje ngokufanayo.

117 “Onendlebe, makezwe lokho uMoya akushoyo emabandleni.” Niyazi, eBhayibhelini, Likusho njalo ngezikhathi zonke lokho. “Konokukholwa. Konendlebe yokuzwa, makezwe.” Niyabo? “Onokuhlakanipha, makabale izibalo zesilo.” Zonke lezizinto ezehlukene. “Onakho, makakutshele bonke abanye, ukuze babe nakho.”

118 Nalokho kungokukholwa esikhuluma ngakho manje, ukukholwa ofanele ube nakho, lokho kuKholwa okuPhelele; lokho kuKholwa okuthi, “Yebo!” Ayikho into engathi “qhabo” uma uNkulunkulu ethi, “Yebo.” Niyabo? Uma Eth i “Yebo,” Kungu “Yebo!” Futhi akukho lutho olunye olungake luze luKususe kuwe.

119 NgokuKholwa kwaKhe okuPhelele, Wayexake kakhulu. Nodeveli akahlalanga ngakuYe isikhathi eside kakhulu. Sikutholile esifundweni kulokhu ukusa. Ngenkathi efika nalokho okukhulukazi okukhohlisile ko—komqondo wobuhlakani, wakhohlisa uJesu lapho ngenkathi efika, futhi wathola ukuthi wazithela entanjeni enamandla kagesi ayizinkulungwane eziyishumi: amphosa wabuyela ngqo emuva futhi. Yebo mnumzane. Wathi, “Kulotshiwe, akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso!” Whewu! Wathola ukushokeka ngaleyonkathi.

Ufika ngokuthe ukuthamba kancane ngokulandelayo, ngenkathi ethi, “Manje UnguMuntu omkhulu, UngaZikhukhumeza phezulu lapha, ube ngumuntu othize.”

120 Wathi, “Buyela emva kwaMi, Sathane.” O, he, yini ahlangabezana nayo! Futhi, “Ungaboyilinga iNkosi uNkulunkulu wakho.” Niyabo, Wazifakazisa Yena uqobo kuSathane ukuthi WayeyiNkosi uNkulunkulu. “Ngokuba kulotshiwe, ‘Ungaboyilinga...’”

121 Manje, uma—uma uSathane wayengazi ukuthi leyo kwakuyiNkosi uNkulunkulu, wayezothi “Awume kancane, Awusuye lowoMuntu.” Kodwa wayazi kangcono kunokuthi angaphikisana naYe.

122 Wayazi ukuthi kufanele ame emhlabathini onjani. Wathi, “Ungaboyilinga iNkosi uNkulunkulu wakho.” Futhi WayeyiLowo-ke. Futhi uSathane wayazi kangcono kunokuthi angasho lokho, ngoba imisebenzi kaJesu yase ivele ifakazisile ukuthi WayeyiNkosi uNkulunkulu wakho.

123 Qaphelani manje okunye. UkuKholwa okuPhelele kungumbusi wazo zonke izimo. UkuKholwa okuPhelele kubusa zonke izimo. Akunandaba ukuthi kuyini, Kuyasibusa. Manje, bhekisisani nje! Uma ukholwa noma yini, wenze noma yini,

futhi unokukholwa kulokho okwenzayo; akunandaba ukuthi isimo siyini, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Niyabo, kubusa lesosimo. Uma kuse—segumbini lokugulela, neNkosi yembulile ukuthi lento ethize izokwenzeka, uvele uyikhulume nje bese uqhubeka.

¹²⁴ “O, ngabe i...?” Ungabuzi mibuzo nje. Sekuvele sekuphelile, yiba ulokhu uqhubeka nje. Niyabo? Kubusa zonke izimo. “Awu, uma wenza *lokhu, uS’bani-bani* uzokwenza...” Lokho... uyabo, Sekuvele kuthole ukukubusa. Niyabo?

¹²⁵ Ukukholwa kukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusebenza. “Angazi ukuthi Uzokwenza kanjani, kodwa Uzokwenza noma kanjani.” Niyabo? Kubusa zonke izimo.

¹²⁶ Futhi ukukholwa nothando kuyisihlobo, ngoba ngeke waba nokukholwa ngaphandle uma unothando, ngoba ukukholwa kwakho kukuNkulunkulu Oyiwo impela umsuka wothando. Ukukholwa nothando kusebenza ndawonye.

¹²⁷ Lapha, njengezithandani ezisencane nje. Thatha insizwa nentombi, futhi bathanda... bayathandana. Futhi lapho behambisana futhi beqala ukwazana kakhulu, izinhliziyi zabo nje ziqala ukushaya njengeyodwa. Niyabo? Ba—ba... nokho abakabi yindoda nomfazi, kodwa uthando lwabo lubabophela ndawonye, futhi banokwethembana. Manje, uma bethandana ngempela, uthando lwangempela, futhi uyazi ukuthi lentombazane iyakuthanda futhi—futhi iyazi ukuthi uyayithanda, unokwethemba (ukukholwa komunye nomunye) uma ninokukholwa komunye nomunye; uma ubungenakho, kungcono ungayishadi. Niyabo?

¹²⁸ Qaphela, ufanele ube nokukholwa. Futhi ubehlukanise bese ubeka omunye le ekugcineni kweningizimu nomunye ekugcineni kwenyakatho, lusekhona lolothando olushaya komunye nomunye, akunandaba ukuthi bakuphi. Bethembekile nje omunye komunye ngakho konke, ngoba bayathandana. Futhi uma uthanda iNkosi, ungazami nje ukuvika isihogo, kodwa uyayithanda iNkosi, khona-ke unokukholwa kuNkulunkulu; uyabo, uma uYithanda.

¹²⁹ Njenge—ngentombi... kwenzeka nje lapha eLouisville, kungekudala. Owesifazane, wayeyi—wayeyi... kade engumKristu iminyaka eminingi, kodwa umyeni wakhe nje waye... bathandana, wathandana nalendoda. Yayikade ingumKristu, iminyaka ethi ayibe mibili. Futhi ngakho bashada; babethandana futhi benokwethembana, futhi bashada. Futhi ngakho owesifazane wathi kowesilisa, wathi, “Myeni, kufanele kube l’khuni kuwe, ungumKristu osemusha nje. Ubunokuningi kakhulu ofanele wedlule nakho.” Ukuphuza yilokho okwakuyikho. Wathi, “Ubunokuningi kakhulu ofanele wedlule nakho.” Futhi wathi, “Ngiyazi ukuthi ubophezelekile ukuba ulingwe kanzima kabi.” Futhi wathi, “Ngifuna wazi

into eyodwa manje. Manje, uma kwenzeka uwa, uma kwenzeka u—uwela esilingweni futhi siinqoba, ungaqheli ekhaya; ubuye. Uze lapha ngqo, ngoba ngi—ngizoba khona lapha ngikulindele, futhi ngizokusiza ukuba ukhuleke wedlule futhi uze uthole ukunqoba. Ngizohlala nawe, ngoba ngenkathi ngikugana, ngakugana ngoba ngangikuthanda. Futhi akunandaba ukuthi uyini, ngisakuthanda.”

¹³⁰ Izinsuku ezimbalwa emva kwalokho, wayedla ilantshi yakhe nabafo ezansi endlwaneni kabhayela, wayebatshela ngakho, wathi, “Manje, indoda ingake iyenze kanjani noma yini engalungile uma umuntu ekuthanda kanjalo na?” Niyabo?

¹³¹ Nakho lapho okhona. Ubungake ukweqe kanjani—kanjani lokho kwethenjwa na?

¹³² Futhi ngenkathi siseyizoni, sisengabezizwe, singenaNkulunkulu; ezweni, kuleyonkucuncucu yodaka, njengoba ngikhulume ngayo kulokhu ukusa, uNkulunkulu uza kithi! UNkulunkulu wakufuna, awuzange umfune uNkulunkulu. “Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi kuqala.” NoNkulunkulu wehlela kuleyonkucuncucu, owawuyiyo, futhi wakufuna futhi wakukhipha! Lokho bekufanele kudale uThando oluPhelele. Buka ukuthi wawuyini, futhi buka ukuthi usuyini. Yini eyenza lokho na? Umuntu othize okuthandayo! Ungeke yini waba nokukholwa kulokho Akwethembisa khona, ke na? Uthando lwangokoqobo lwangempela luyodala ukwethemba eZwini laKhe.

¹³³ Wangibamba ngenkathi ngingelutho. Ngiseyilokhu ngingelutho, kodwa ngisesandleni saKhe. Niyabo, Wangibamba. Futhi Wangithanda ngenkathi ngingathandeki. Wakuthanda ngenkathi ungathandeki, kodwa Wakugququla. Njengoba udadewethu oyikhaladi washo nje, ngalesosikhathi ebufakazini bakhe, wathi, “A—angisikho lokho engifanele ngibe yikho, futhi angisikho lokho engifuna ukuba yikho, manje-ke angisikho lokho engangivamise ukuba yikho!” Wayazi ukuthi wayevele ndawondawo, kukhona okwenzekayo. Futhi yingaleyondlela okungayo. Uma uNkulunkulu, ngenkathi ngingowezizwe kuYe, wangithanda kakhulu waze Wagoba phansi ukuba angithole wase eyangicsha, lokho kunginika ithemba ukuthi Ufuna ukungisebenzisa. Unenhloso ekukwenzeni. Ubone okuthize kimi. Ubone okuthize kuwe. Wayenesizathu sokukusindisa, buka abantu ongasindisiwe namhlanje. Buka izigidi Abengazithatha ngaphandle kwakho, kodwa Wathatha wena. Amen! Akekho ongathatha indawo yakho. Amen! Wena usemnothweni kaNkulunkulu. Akekho ongakwenza. Lolo wuThando lwaKhe kuwe.

¹³⁴ Manje-ke, uthando lwakho lungefinyelele yini lubuyele kuYe ngqo na? Futhi kukhona indaba yokuthandana. Akunandaba ukuthi isimo siyini, izimo zalo zibuswa yiloluThando

oludala ukuKholwa: ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda nawe uyamthanda uNkulunkulu, futhi niyathandana, na—nalokho kuletha ukuKholwa. Kulungile. Manje-ke akukwazi—akukwazi ukungakukhiphi nje impela lokho uNkulunkulu athembisa ukuthi kuyokwenza.

¹³⁵ Manje, bhekisisani! UkuKholwa okuPhelele kumsulwa, kumsulwa nje njengoba uthando lunjalo. Niyabo? Manje, uma uthanda umuntu othize, futhi uno... uthanda umyeni wakho noma uthanda umkakho. Manje, asikho isidingo sokuba noma ubani ekutshela ukuthi “awu” kwenzi, ngoba uyakwenza, futhi uyazi ukuthi uyakwenza.

¹³⁶ Manje, uma bengingakubuza, “U—ungafakazisa kanjani ukuthi uyakwenza na?”

¹³⁷ “O, ngikufakazisa ngendlela engiphila ngayo kuye.” Niyabo? “Ngingothembekile, umfazi oqotho. Ngingowethembekile, umyeni oqotho, nalokho kuyafakazisa kimi ukuthi ngi—ukuthi ngiyamthanda umkami; noma ngiyamthanda umyeni wami.” Niyabo, impilo yakho iyafakazisa ukuthi uyini. Into efanayo ubuKristu obuyenzayo. Niyabo? Ukukholwa kwakho, ninokwethembana, kumsulwa. Futhi kuyinto eyiyo ngempela, ongeke wayikhombisa omunye umuntu, nokho unayo, nezenzo zakho ziyakufakaza.

¹³⁸ Futhi uma unokumsulwa, ukuKholwa okungenasici, njengoba uthando lwakho lunjalo kumata wakho, khona-ke uyafakazisa ngendlela oziphatha ngayo. Awusakhonondi, uyazi sekwenziwe, vele uzihambe nje. Akunandaba ukuthi into ibukeka injani, ukuthi noma ubani omunye uthini, uyazi ukuthi kwenzekeni. Uyazi ukuthi sekuphelile; njengoba nje impela wazi ukuthi uyamthanda umyeni wakho, njengoba nje impela wazi ukuthi uthanda... Niyabo, uthando nokukholwa kufanele kuhambisane ndawonye. Kuyizihlobo, bayathanda. UThando luveza ukuKholwa.

¹³⁹ Uma uSathane esilinga, sifanele simelane naye ekuKholweni okuPhelele eZwini eliPhelele, njengoba kwenza uJesus. IZwi likaNkulunkulu liphelele. Sifanele sibe nokuKholwa okuPhelele kuleliZwi eliPhelele, futhi simelane noSathane.

¹⁴⁰ Manje sizosheshisa, ngokukhulu ukushesha esingakwenza nje.

¹⁴¹ NgokuKholwa kwaKhe e—eZwini laKhe si (Uyanqoba), singanqoba noma yini: kokubili ukufa, isihogo, nethuna. Siyazi ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, lokho kuKholwa okuPhelele eZwini likaNkulunkulu eliPhelele, Wanqoba yonke into Anqwamana nayo. Ukufa kwakungeke ngisho kume eBukhloneni baKhe. Ukugula kwakungeke kume eBukhloneni baKhe. Okugeleza kuvela kuYe kwakufana nemifula yamandla obuhle, kuphuma njalonjalo, amandla obuhle ephuma engutsheni yaKhe. Lababantu, belele emathunzini aKhe;

isinyathelo, babeka umunwe wabo engutsheni yaKhe futhi waphiliswa. Ngenkathi lowo wesifazane esekwenzile lokho, khona-ke wonk'umuntu wafuna ukuthinta ingubo yaKhe, ngoba bebonile ukuthi kwakukhona amandla obuhle ephuma kuYe njalonjalo, ageleza njengemifula. Wayelapho, ehamba, ehamba ezweni nokuKholwa okuPhelele, ngoba WayeyiZwi.

¹⁴² Futhi manje, “Uma nihlala kiMi,” ngaYe, Waletha iZwi kini; “namaZwi aMi ehlala kini,” khona-ke hambani ngohlobo olufanayo lwendlela: amandla obuhle egeleza evela kini, imifula yemithombo kaNkulunkulu yesibusiso igeleza nje iphumela kubantu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Futhi awukukhohlisi, awukucabangeli. Kwenzeka ngempela, futhi uyakubona. Uma nje ukucabangela, lokho akusizi lutho; kodwa uma kukhona ngempela, kwenzeka ngempela.

¹⁴³ Manje qaphelani! Niyabo, ngaLo, ngenkathi Ema Wayesethi, “Uma nidiliza loMzimba (leliThempeli), NgizoWuvusa futhi ngezinsuku ezintathu.” Ngani na? Wayenelisekile nje ukuthi Wayezokwenza lokho, ngoba imiBhalo yasho ukuthi Wayezokwenza (uMesiya): “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, Angiyikuvuma ukuba ONGcwele waMi abone ukubola.” Umprofethi, eliza kuye iZwi, wayethe lokho kwakuzokwenzeka, futhi Wayazi ukuthi WayeyilowoMuntu.

¹⁴⁴ Futhi ngenkathi i...uJesu, uQobo, wathi, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo,” noma “Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.” Uma . . .

Nifanele nibe nalelothemba eliphelele elifanayo ukuthi “uma izandla sibekwa phezu kwami, ngizosinda,” ngoba Washo njalo.

¹⁴⁵ Wathi, “Dilizani LoMzimba, futhi NgizoWuvusa,” ngoba Wayazi ukuthi WayenguMesiya. “Angiyikuvuma ukuba ONGcwele waMi abone ukubola”; Wayazi ukuthi WayeNgonGcwele. “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese”; Akazange. Wayazi ukuthi Wayezokwenza. Wayenokuwethemba ukuthi Wayelapho ukuba anqobe kokubili ukufa nesihogo, wathi, “Lidilizeni, uma nifisa ukukwenza, futhi Ngiyobuye ngiLivuse futhi ngezinsuku ezintathu.” O, he! “Nginamandla okudela ukuphila kwaMi, noma Nginamandla okukucosha futhi”; Wayazi ukuthi WayenguBani.

¹⁴⁶ Wena ungumKristu. Unelungelo kunoma yisiphi isibusiso sokuhlengwa uJesu akufelela sona. Sonke singesakho! Sesivele sikhokhelwe, ufanele nje usikholwe. Hhayi ukusicabangela; kodwa usikholwe, futhi wazi ukuthi singesakho, futhi ungaba naso. O, lokho ngukuKholwa okunqobayo: wazi! Ya.

¹⁴⁷ Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka ngaphambili. Wayekwazi ukubikezela ukuthi kwakuzokwenzeka, ngoba Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka; futhi noma yini Ayibikezela, iyafezeka. Manje, bhekisisani! Noma yini Ayisho, uNkulunkulu

wakuhlonipha Akushoyo. Cabangani ngalokho! Noma yini uJesu ayishoyo, uNkulunkulu waYenza yafezeka. Ngakho, Wayazi ukuthi amaZwi aKhe ayengamaZwi kaNkulunkulu. Manje, bhekani! LowomBhalo ofanayo ubuya uzongena kithi ngqo futhi, “Uma *nithi* kulentaba.” O, he! Ngi—ngivele nje lokho ngakuyeka kuzike kancane nje, niyabo, ngoba sizoba nomugqa womkhuleko. Sizolikhapha ibandla futhi sikhulekele abagulayo, labo abafuna uku. . . ozohamba.

¹⁴⁸ Bukani! Wayazi ukuthi Wamthokozisa uNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakungekho lutho empilweni yaKhe. UNkulunkulu wayesevele efakazisile, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo ENgithokozile ngaYo ukuhlala kuyo, Yizweni! Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo ENgithokozile ngayo ukuhlala kuyo,” ngosuku lombhaphathizo waKhe. “Ngithokozile ukwenza ukuhlala kwaMi phakathi lapha, akusekho ukulahlwa kuYo nhlobo.”

¹⁴⁹ Manje, nxa uNkulunkulu ofanayo eza kuwe, futhi ethokozile ukuhlala kuwe, athokoziswe ukuhlonipha izwi lakho, ukuthi isinqumo sakho siyini, . . . Sasiyini isinqumo sikaJoshuwa na? “Yima, langa!” Futhi lama lapho. Amen! Impela! Sasiyini isinqumo sikaMose na? Waphakamisela induku yakhe phezu ko—umfula *kanjalo*, futhi wawubiza ukuba u “Vuleke!” Futhi wavuleka! Niyabo, noma yini oyicelayo. “Futhi uma *nithi* kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ningangabazi, niyabo, enhliziyweni yenu, kodwa nikhulwa ukuthi enikushilo kuzofezeka, ningaba nakho enikushilo.” Lokho kubeka *wena* kukubuyisele eZwini. Manje, lolo akusilo utsege. Niyabo? Kubeka *wena* kukubuyise. Ngiyazi ukuthi kuzogxumela ngaphezulu phezu kwakho ngqo, mhlawumbe, uyabona, ngoba ngeke Lagxilisa okwehange. Kodwa okwangempela, ukukholwa kwangoqobo kuyakubamba lokho, khona manje.

¹⁵⁰ Ngikubonile, mngane. Nanti leliBhayibheli libekwe livulekile phambi kwami. Ngikubonile kwenzeka, futhi ngiyazi ukuthi kuyiQiniso. Ngiyazi, uNkulunkulu eZulwini uyazi, ukuthi ngingahle ngingaphili ukuba ngiqede lomlayezo, kodwa ngi—ngiyazi ukuthi kwenzeka. Ngikubonile mina uqobo. Ngingufakazi waleloZwi ligcwaliseka, ukuthi ngiyazi ukuthi LiyiQiniso: ngikusho, futhi ngime lapho futhi ngibone uMdali eletha isidalwa esiphilayo ukuba sibe khona, khona impela ebukhoneni bamehlo akho; unikina ikhanda lakho futhi umangale; bese-ke uqalaza wase uMbona eletha esinye, njengakho impela nje, ngoba *wena* usho njalo; bese ujikela ngapha bese uthi, “Kuzoba khona esinye laphaya,” bese ubuka, futhi naso! Manje, lelo yiqiniso.

¹⁵¹ O, sifanele sibe kuphi na? Nakho ukuKholwa okuPhelele. Akusiwo umbono, “Ngikhulume iZwi nje,” ngingakaze ngiyibone ingwejeje. Wavele nje washo lomBhalo, okwakuyikho, futhi “Kukhulume, futhi ungakungabazi; kodwa okushoyo,

kuzoba khona.” Futhi ngathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi kwaba khona. Kunjalo. Lokho nje kunamandla njenge. . . Futhi mngane, njengomelusi wakho, lokho kusenamandla nje njengoba kwakunjalo ngenkathi uJoshuwa emisa ilanga; ngoba ilanga lase livele lilapho, ilanga nenyanga nezinkanyezi kwakuhamba, futhi wamisa ukuhamba. Kodwa lokhu, Waletsha into ethize lapho eyayingekho lapho, Wadala! Ngijabula kakhulu ukujwayelana noNkulunkulu ongathatha uthuli lomhlabathi, ngoluny’usuku, kungekho lutho, futhi abuye angibize ngiphile futhi, lokho kukholwa okufanayo, emva kokuba sengitshalwe ethuneni. O, he! Nakho.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,

¹⁵² Yisho futhi ungangabazi, kodwa ukholwe ukuthi okushilo, uzoba nakho okushilo. Niyabo, ukholwe ukuthi kuzokwenzeka!

¹⁵³ UDavide, emaHubweni, wakhuluma ngaYe. Nangakho, Wathatha amandla aKhe wase Ekhonza abanye. Akusikho kuphela ukuthi Wakugcina kuYe uqobo, kodwa Wakhonza abanye ngakho; futhi wasindisa abanye, ngisho nasemikhawulweni, futhi Angenza into efanayo manje. Futhi wethembisa ukukholwa okufanayo emakholweni, eZwini laKhe, noJohane. . . njengoJohane 14:12, Washo njalo; uMarku 16; kanti nakuMarku 11:23, sisanda kufunda nje.

¹⁵⁴ Manje, bhekisiani. Manje, Ubonakale kithi ngesimo esifanayo Enza kubo eTestamenteni eLidala, nangokufanayo njengoba Enza eTestamenteni eLisha; futhi ukhombisile ngeZwi elifanayo, uKristu ofanayo. Futhi ngiyamemezela kini ukuthi uKristu unguMoya oNgcwele. I—igama elithi *Kristu* lichaza ukuthi “ogcotshiwe”; umuntu nje ogcotshiwe, lowo nguKristu, ogcotshiwe. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na? Lokho uku interpret-. . .Ogcotshiwe, kuyobakhona indoda eyogcotshwa. Igcotshwe ngani na? IBhayibheli lasho eZenzweni 2, ukuthi uJesu waseNazareth, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu, egcotshwe ngoMoya oNgcwele; wayehambahamba ngakho futhi wenze imisebenzi emikhulu nezinto, niyabo, ukuthi uNkulunkulu wabonakalisa, wafakazisa ukuthi WayekuleNdoda.

¹⁵⁵ Futhi manje, siba ngabagcotshwe ngalowoMoya ofanayo, omesiya abagcotshiwe; omesiya bosuku lokugcina, ukuba bakhanye ukuvuka kukaJesu Kristu; ukukhombisa ukuthi Akafile, kodwa usesimweni sikaMoya oNgcwele, Ukubantu baKhe; ehamba phakathi koMlobokazi waKhe, nendaba yothando kuYe, ethululela kuYe, uqobo lwaKhe. Baba munye benzela iSidlo sakusihlwa soMshado; nezibonakaliso ezifanayo, ezethenjiswa nguNkulunkulu ofanayo, eZwini elifanayo, wenza ukubonakaliswa kwaKhe okufanayo.

¹⁵⁶ Akukho okusasisalele ukuba sikwenze kodwa ukuba siLikhholwe, futhi “sikukholwe” kuyinto, nalokho kudala ukuKholwa okuPhelele. Cabangani nje ukuthi sindikindiki kanjani—kanjani; cabangani nje ngalokho umzuzu nje, manje.

¹⁵⁷ Manje, ake sibone. Ngabe Wenze zonke izinto kahle na? Ngabe Uke wasitshela noma yini, ngaphandle nje kwalokho okwenzeka ngayo impela indlela Akusho ngayo na? Akenzanga yini, futhi iNsika yoMlilo enkulu ibingekho yini phakathi kwethu futhi yenze khona impela nje njengoba Ethembisa ukwenza na? AsiYibonanga na? Isayense ayiYithwebulanga yini, emva kokuba sekubikezelwe ukuthi kwakuzokwenzekani; iya khona lapho futhi baba nayo ngisho nazomaphepheni namaphephabhuku, akuthwala abuya nayo ngqo futhi ayikhombisa, ngenkathi nitshelwa yona izinyanga ngaphambi kokuba kwenzekela na? Akenzanga yini ngayo impela nje indlela Enza ngayo eTestamenteni eLidala, neTestamente eLisha na? Futhi Iyiyo Leyo impela nje efanayo! UMoya oNgcwele ofanayo uyafika, futhi Wehlulela okufihlakeleyo. “NeZwi likaNkulunkulu, eliphilile nelibukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyoy.” Akunjalo lokho na? Lowo akusuye uNkulunkulu ofanayo na? Manje, lowo Ofanayo, akusiso isihambi esichezukele kwenye indawo, Ulapha. Ulapha, enza lokhu ukudala ukuKholwa okuPhelele. NgiyaMuzwa. Ngiyazi Ulapha manje. Ngiyazi ukuthi uMoya waKhe ulapha. Ngiyazi ukuthi Wazi izinto zonke. Amen! Futhi ngiyazi Ufuna u—ukwenza into ethize. Kade Enza into ethize, u—ukudala lokhu ukuphelela kokukholwa kubantu.

¹⁵⁸ Ngabe sizohamba singene ePhakadeni, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, nemiphefumulo eyisishiyagalombili eyasindiswayo na? Ngabe sizozana njengoLoti, nabathathu bephuma eSodoma na? Ngabe sizozana, njengasezinsukwini zikaJohane umBhaphathizi, namakholwa ayisithupha na? Asikholwe, ngokuba imisebenzi yaKhe Uphelile! Ibonakaliswa nsuku zonke nangokuphelele phambi kwethu, ekhombisa ukuthi UyiZwi, iZwi! AmaHeberu, isahluko 4, kuyasho.

*. . . izwi likaNkulunkulu li . . . libukhali kunezinkemba
zokwe ezisika-nhlangothi zombili, . . . ngisho lahlulela
imicabango nezizindlo zenhliziyoy.*

¹⁵⁹ Cabangani ngalokho! IZwi likaNkulunkulu liyi Lokho, Lahlulela izizindlo zenhliziyoy. “Ngokuba iZwi likaNkulunkulu liphilile linamandla kunezinkemba zonke ezisika-nhlangothi zombili, lihlabane kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, namalungu nomnkantsha, Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyoy.” IZwi lenziwa inyama! Haleluya! IZwi lisebenza enyameni yomuntu, ngezibonakaliso zokomzimba, ngezibonakaliso eziphathekayo, ngezibonakaliso

zangokomBhalo, ngokuphelele, ukuletha kini ukuKholwa okuPhelele koHlwito oluPhelele.

¹⁶⁰ SingeLibuke ngani na? Akusiyo inkinga; udeveli ubeke yonke into ezweni phambi kwenu, uzama ukugcina, anenze. . . anivimbele ekuLikhholweni. Uyoletha emhlanganweni futhi azame ukuphosa yonk'into angayenza phambi kwenu. Ayithintithe isuke kini! IBhayibheli lithi, "Vuka uzithintithe." Zincinze.

¹⁶¹ UMoya waKhe ulapha, Uyanazi. Ninento eyodwa enifanele niyenze, futhi lokho kungukuWukholwa, ukuWemukela. Uyazi. Niyakukholwa lokho na? Uyazi ukuthi yini ekini, Uyanazi ukuthi niyini, Uyazi ukuthi yini isifiso senu, Uyazi ukuthi nidingani.

¹⁶² Jim, uyakholwa ukuthi Uyazi ngaleyongane na? Wathatha imfiva yayo ngaphambi kokuba uhambe, iyikhulu nanhlanu. Uyakholwa ukuthi Uzoyiphilisa na? Uza kuyo, namhlanje, igula. Izosuka kuyo. Ngisanda kubheka lapha nje futhi ngababona ngaphambi kokuba basuke ekhaya, ukuthi benzeni. Manje, lelo yiqiniso.

¹⁶³ Nkk. Little, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunika ukunqoba phezu kwalesosifo sikashukela na? Kukhona owesifazane ohlezi eduze kwakho, angikwazi, kodwa uMoya uphezu kwakhe. Akhathazeke ngakho ngencane. . . unomntwana ozodingeka ukuba abe nokuhlinzwa kweso noma okuthize. UngowaseChicago. "Liphilile, linamandla kakhulu, kunenkemba esika-nhlangothi zombili; Liyehlulela." Kuyini na? IZwi! Niyakukholwa lokho na? Impela.

¹⁶⁴ Kukhona inenekazi elihlezi khona ohlwini olulandelayo lapho; ubusanda kuba nokuhlinzwa kweso nje, akwenzekanga kahle kakhulu. Kodwa u—uyaLikhholwa, lizo. . . uzo—uzolunga. UyaLikhholwa na? Kulungile. Lona, licabanga ngalokhu.

¹⁶⁵ Nkk. Peckenpough, akusikho okwakho, kungokwalendodana engumzukululu ehlezi lapha. Ukhuleka mayelana nayo, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngayo. Odokotela abazi; qha. Kunjalo. Amaphaphu avuvukalayo. Kunjalo. Inesimo segazi. Kuyikho! Sebethe ukudideka mayelana nokuthi bazoyidedela iye esikoleni noma qha. "Liphilile, linamandla kakhulu, kunenkemba esika-nhlangothi zombili."

¹⁶⁶ Ngibona owesifazane elahlekelwe ukudla kwakhe. Undawondawo, ake ngithole ubuso bakhe ndawondawo. Yebo, ehlezi emuva lapho. Igama lakhe nguNkk. LewEllen. Ukholwa ngenhliziyo yakhe yonke, leyonkathazo yesisu izokuyeka. Amen!

¹⁶⁷ Nanti inenekazi lihlezi khona ngale kwakhe, lingibuka khona manje, lihlezi ekugcineni; lifake izibuko. Liphethwe

yisifo samathambo. Sisesandleni sakho sokunxele; besikhona, asisekho manje. Yebo, uma ukholwa!

¹⁶⁸ Kuthiwani mayelana naleyongane encane, khona emuva lapho na? Ivela eOhio; inomdlavuza esweni. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa na? Uzokwenza, uyakukholwa. Ashland, eOhio! Uyakholwa manje ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa, Uzokwenza. Liyini na? “Linamandla kakhulu, liphilile kunanoma yini . . .”

¹⁶⁹ Nakhu kuhlezi inenekazi lapha, kukhona okulishayile, linenkathazo ehlonbe lalo. Kunjalo. Kunjalo na? Kulungile, Likholve, futhi izosuka. Uyabo? “IZwi likaNkulunkulu, Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyoyi.”

¹⁷⁰ Manje, akukho-makhadi okukhulekelwa kulendlu. Akukho-muntu ozokhuleka . . . okhipha noma yimaphi amakhadi okukhulekelwa. Asiwasebenzisi lapha, ngaphandle uma nje kungokokugcina kuhlelekile. Nifuna ukukhulekelwa na? Bangaki ofuna ukukhulekelwa ngenkathi iZwi lisabonakaliswa enyameni na? Makuthi loluhlu lapha lusukume bese lwehlela ngapha, phansi ngqo kulesisikhala sezihlalo lapha kuqala, khona phakathi lapha, nina enifuna ukukhulekelwa. Manje-ke, emva kwalokho, ngifuna lesisikhala sezihlalo lapha ukuba beze behlele emva kwabo. Bese kuthi emva kokuba sebeqedile, akuthi lesisikhala sezihlalo esingapha size.

¹⁷¹ “Liphilile, linamandla kakhulu, . . .” Inkemba esikahlangothi zombili ibingakwenza lokho na? Qhabo, mnumzane! Kodwa iZwi likaNkulunkulu lingakwenza. Ngani na? LiyiZwi likaNkulunkulu. Manje, niyakukholwa na?

¹⁷² *INyanga eNkulu!* Uphi lowodadewethu wasezansi e—eTennessee, uDadewethu Ungren, noma Downing na? “INyanga enkulu manje iseduze.”

¹⁷³ Angisoze ngakukhohlwa lokho, eFort Wayne ngalobobusuku ngenkathi leyontombazane encane engumAmish noma Dunkard yayihlezi lapho, idlala lelo, “INyanga enkulu manje ilapha,” izwa ukuthi lowomfana omncane waphiliswa, yaxuma yaya phezulu, uMoya oNgcwele wehlela kuyo, izinwele zayo ezinhle zehlela ezansi zanguma emahlombe ayo, nopiyano aluzange lulahlekelwe yindlela. “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Amandla angaphezu kwemvelo ehambisa lezozinkinibho zopiyano, ludlala “INyanga enkulu manje iseduze.”

¹⁷⁴ Buka, ngabe . . . Uyakholwa na? Ubufanele na? Uyabo? Manje khumbula, uma wedlula . . . Manje, uma ungakukholwa, ungezi, uhlale phansi. Uthi, “Angizukukwenza. Angizukukhubeka kulokhu. Ngizeza, ngikukholwe.” Ngenkathi ngi . . .

¹⁷⁵ IBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Kunjalo impela. Manje, lokho kuphansi

kwezimo, “uma niLikholwa.” Manje, ngiyakukholwa lokhu. UNkulunkulu usekufakazisile kini, ngiyaLikholwa. Niyabo? Ubonakalisa iZwi laKhe, ukukhombisa ukuthi yiZwi laKhe. Ukugwaliseka kombhalo, ukufakazisa ukuthi kuyikho. Manje, kukholweni uma nedlula. Nizokwenza na? Bese kuthi-ke uma ngibeka izandla phezu kwenu, . . . yilokho impela iBhayibheli elakushoyo.

¹⁷⁶ Unawo amafutha okugcoba lapha, Mfowethu Neville na? Athole lawo, bese uza ngakuleli elinyi'cala, asigcwalise umbhalo nje. Yana ngakulelicala lapha, bese ugcoba wonk'umuntu lapho bedlula, futhi sizobakhulekela. Manje, ukuze ngizoqiniseka, ukuthi ngizothola umkhuleko wokukholwa kwenu nonke, asibe nawo wonk'umuntu nibeke izandla zenu phezu komunye lowo ongamakholwa. Yeluleka nje, bese niphambanisa izandla zenu phezu komunye nomunye. Yilapho esizothola khona into ethize emizuzwini embalwa.

¹⁷⁷ Ngizobona nje ukuthi ibandla lami seliqhubeke kangakanani, kulokho esikholelwa kukho; ngibone nje ukuthi abantu sebeqhubeka kangakanani; ukuthi bakulungele kanjani ukuthatha iNkemba futhi bahambe baphumele emgqeni ongaphambili, bathi, “Ngikuphosela inselelo, Sathane. Uyabo? Ngikuphosela inselelo! Ungeke usa—ungeke usaphinde ungenze ngingakholwa.” Zenziwe lani lezizinto na? Ukuze abantu bezokholwa. YiZwi. Kulapho okukhombisa khona ukuthi nginishumayeza iQiniso, iZwi. IZwi lenziwe inyama, lenziwe inyama kini; lenziwe iZwi; lenziwe ukuPhila kini, lenziwe ukuPhila kimi. Niyabo?

INyanga eNkulu! Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu manje.

¹⁷⁸ Nkosi Jesu, iNyanga enkulu manje iseduze, UyiNyanga. Sengilishumayelile iZwi laKho, neZwi laKho selimemezele ukuthi Wena ukhona; ukuthi Unguwena izolo, namuhla, naphakade; ukuthi Ungeke wehluleka. Awukaze wehluleke kithi, Nkosi. Namanje, makuthi yilowo ngamunye walaba obeke izandla zabo phezu komunye nomunye, kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu zingaphumula phezu kwabo. Futhi njengoba siza, bangamakholwa. Futhi njengoba sibagcoba ngamafutha, umelusi nami, futhi sibedulisa ngalomugqa, kwangathi ngamunye angedlula lapha enokukholwa ukuba akukholwe, ukwazi ukuthi yena impela uNkulunkulu waseZulwini uma ekhona. Kwangathi ngamunye bangazithintitha. Bangakwenza kuphela ngalesisikhathi esisodwa, Nkosi na? Nje bavumele . . . makuzike phansi, Nkosi, kanye. Vula amehlo abo, Nkosi, ukuze bakwazi ukubona ukuthi kwenzekani, futhi bangabi yizimpumputhe, bebhadzela, kodwa ukuba babone ubuqiniso boBukhona bukaJesu Kristu ovukileyo. Siphe khona, Nkosi, ngeGama likaJesu. Amen.

¹⁷⁹ Ngiyaniyala ngeGama likaJesu Kristu, ukuba ningezi kulomugqa ngaphandle uma nizwa ukuthi ninakho lokho kuKholwa okuPhelele, ngoba kuphela nithatha isikhathi sabo, isikhathi somuny'umuntu. Ningakwenzi! Futhi nge...inqobo nje uma ngishumayelile kini, ikhona yini into eyodwa esengake ngayisho kini ngaphandle kwaleyo eyenzeka na? Impela! INkosi yakwenza lokho. Ayikwenzelanga mina, ngiyakholwa. Yakwenzela nina, ukuze nikholwe ukuthi enginitshela khona kuyiQiniso. Manje kukholweni, kuzolunga, futhi ku... nizosinda. Uma nedlula lapha, niphose ukungakholwa kwenu khona kule...iphakethe lokomoya phansi lapha. Ngeke nikubone, kodwa kulapho. Uma lawomafutha enithinta, niphose ukungakholwa kwenu khona lapho. Nikubeke phansi lokho bese nisuka nihambe ninokuKholwa okuPhelele ukuthi senisindile. Nizokwenza na? INkosi inibusise, ke.

¹⁸⁰ Kulungile, ngizocela omuny'umuntu ongahola amaculo, nje uku... Uphi lowomshumayeli omkhulu, mfowethu, o...? Ubani igama lakhe na? UCapps, uMfowethu Capps. Ngabe usemgqeni na? Yini leyo na? Woza lapha, Mfowethu Capps, futhi ume lapho bese uyacula (ibandla) sisakhuleka sonke, "INyanga enkulu manje iseduze."

¹⁸¹ Besalihola, ngamunye cula manje ngenhliziyo yakho. Ungaculi nje, uthi, "Ngizocula, INyanga eNkulu manje iseduze, uJesu onozwelo. Uyakhuluma, izinhliziyo eziyethile ukuba zename, uJesu onozwelo." [UMfowethu Branham ufanekise ngokwenza ukucula okungasusi usinga—Umhl.] O, o, o, he!

¹⁸² Wonk'umhlathi wakho! Umi manzonzo. Yesaba iZwi. "Yebo, iNyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo!" Uyafakazisa ukuthi Ulapha! NgiyaMkholwa. Amen.

¹⁸³ Kulungile. Akuthi i... Akuthi labo abanokukholwa beze ngaphambili.

¹⁸⁴ NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla zami phezu kwakhe ukuba aphiliswe.

NgeGama alikaJesu Kristu, ngiyakulahla ukugula.

¹⁸⁵ Gama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu komfowethu, ukuba aphiliswe.

¹⁸⁶ IGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kukadadewethu ukuba aphiliswe.

¹⁸⁷ NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu komfowethu ukuba aphiliswe.

NgeGama likaJesu, ngibeka izandla phezu kukadadewethu ukuba aphiliswe.

NgeGama likaJesu, ngibeka izandla phezu komfowethu.

NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kukadade.

NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu komfowethu.

NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kukadawethu.

¹⁸⁸ NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla mfowethu ukuba uphiliswe.

NgeGama likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kukadawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu Kristu!

NgeGama likaJesu!

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

¹⁸⁹ NgeGama likaJesu Kristu, philisa lo, umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu!

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

¹⁹⁰ NgeGama likaJesu, philisa umfowethu. Kwangathi angasinda.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

Gama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

Gama likaJesu, philisa udawethu.

Gama likaJesu, philisa udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa lo, udawethu.

NgeGama likaJesu, philisa udawethu.

- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- 191 NgeGama likaJesu, philisa lomntwana. Nkulunkulu, siphe khona.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- NgeGama likaJesu, philisa lomfanyana.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa lentombazanyana.
- 192 NgeGama likaJesu, philisa lo, udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- 193 Gama likaJesu, philisa lo, umfowethu, Nkosi.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa, Nkosi, umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, Nkosi. . . ? . . . ngenkazimulo kaNkulunkulu.
- 194 Ukuphilisa umfowethu, ngeGama likaJesu. Kuyeke kanjalo.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa lomntwana.
- Gama likaJesu, philisa lodade.
- Gama likaJesu, philisa lodade.
- 195 NgeGama likaJesu Kristu, philisa udade.

- Gama likaJesu, philisa udade . . . ? . . .
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, Nkosi, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu, msindise.
- 196 NgeGama likaJesu Kristu, philisa udadewethu, Nkosi.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa lo, udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa lentombazanyana.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umfowethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa udadewethu.
- Gama likaJesu, philisa umntwana.
- 197 Philisa umntwana, Nkosi, ngeGama likaJesu.
- Philisa lomfanyana, ngeGama likaJesu.
- Philisa udadewethu, Nkosi, ngeGama likaJesu.
- Philisa uDadewethu Collins, Nkosi, ngeGama likaJesu.
- Philisa udadewethu, ngeGama likaJesu.
- Philisa umfowethu, ngeGama likaJesu Kristu.
- Philisa udadewethu, ngeGama likaJesu.
- 198 Beka phansi ukungakholwa kwakho manje.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
- 199 Qathaza ukungakholwa kwakho ebhokisini manje. Yedlula.
Thatha ukuKholwa okuPhelele.
- NgeGama likaJesu, kuthathe. Kwangathi kungenziwa.
- NgeGama likaJesu, siphe khona, Nkosi.
- NgeGama likaJesu, siphe khona, Nkosi.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu, Nkosi.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu! . . . ? . . .
- NgeGama likaJesu, philisa lo.
- NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

200 Busiswa, mfowethu. NgeGama likaJesu, philisa uMfowethu Cox, Nkosi. Akabongwe uNkulunkulu!

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

201 Manje, khumbulani, ngibeka konke nokuncu kokukholwa engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, kulokhu, ngenhloso.

NgeGama likaJesu, philisa lentombazanyana.

NgeGama likaJesu, philisa lodade.

202 Nkulunkulu, ngibeka izandla phezu kwengane. Ukuze izophiliswa, ngeGama likaJesu. Amen.

NgeGama likaJesu, philisa intombazanyana.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa lo umfowethu.

203 Intombazanyana? Babambe ubaphakamisele kuwe. NgeGama likaJesu Kristu, baphilise, Nkosi, ngenxa yenkazimulo yaKho.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

Jesu, philisa umfowethu omncane.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

204 NgeGama likaJesu Kristu, ngimcelela ukuphiliswa.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu, Nkosi.

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu omncane.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu Kristu, philisa udadewethu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.

205 NgeGama likaJesu Kristu, philisa umfowethu, umntwana.

NgeGama likaJesu, baphilise, Nkosi.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
 NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
 NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
 Gama likaJesu, philisa umfowethu.
 Philisa udadewethu, ngeGama likaJesu.
 Philisa umfowethu, ngeGama likaJesu.
 Philisa udadewethu, ngeGama likaJesu.
 Philisa udadewethu, ngeGama likaJesu.
 Philisa udadewethu, ngeGama likaJesu Kristu.
 Philisa udadewethu.

206 Philisa udadewethu. Babusise, Nkosi, ngeyabo...?...
ngeGama likaJesu.

NgeGama likaJesu, philisa udadewethu.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu, Nkosi.
 NgeGama likaJesu Kristu, philisa udadewethu, Nkosi.
 NgeGama likaJesu, muphe isicelo sakhe.
 NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.

207 Beka phansi ukungakhohwa kwakho. Woza, ukhohwa manje, uNkulunkulu uzokupha khona. Woza, ukhohwa, noNkulunkulu uzokupha khona. Ngiyakukhohwa. Ngisebenzisa konke ukhohwa engaziyo ukuthi kanjani. "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo; bayosinda."

NgeGama likaJesu, philisa umfowethu.
 NgeGama likaJesu Kristu, philisa udadewethu.

208 Kunjani lokhu ukubona, Mfowethu Neville na? Mfowethu Dauch, umklomelo womusa kaNkulunkulu! Lena yindoda efanele ngabe yafa, evikini noma amabili edlule.

209 NgeGama likaJesu Kristu, Nkulunkulu, Ufanele umthande, Baba, ngokuba Umenzele izinto ezinkulu. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngeGama likaJesu Kristu.

210 Nkosi Nkulunkulu, phezu komkakhe oligugu, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, iGama likaJesu Kristu, ukuba aphiliswe. Amen.

Yilabo kuphela na?

211 Manje, asikhothamise ikhanda lethu manje.

INyanga enkulu manje iseduze,
 UJesu onozwelo;
 Ukhuluma inhliziyo eyethileyo ukuze yename,
 O, yizwa iphimbo likaJesu.

Nothi elimnandi kunawo onke eculweni
 lamaserafi,
 Gama elimnandi kunawo onke olimini
 lwabantu;
 Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke
 asake aculwa,
 Jesu, Jesu obusisiweyo.

²¹² Niyakwazi yini engikwenzile kini na? Ningibize ngo, “melusi wenu”; futhi nisho kahle, ngokuba kanjalo nginguye. Uma mina, umelusi wenu, ngikhonjwe nguJesu Kristu, ukuthi ngenza umsebenzi waKhe, khona-ke kholwani yiZwi lami. Ngokwenza lokhu ukwenza kokukholwa, ngokubeka izandla phezu kwenu, ngisilahlele isifo nezinhlopheko okunihluphayo. Kukholweni lokho, kanjalo nizoba nesicelo senu, kungakhathaleki ukuthi siyini, ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo. Futhi nxa nikhuleka, nikhole ukuthi niyakwemukela enikucelile. Futhi ngikholwa ngokweqiniso ukuthi ngiyakwemukela, futhi enhliziyweni yami ngikwemukela konke ukuphiliswa kwenu, ngiyakwemukela, ukuthi sekwenziwe. Ngiyakukholwa, ngikukholwa ngakho konke okukimi. Futhi, nezandla zami ziphezu kwalamaduku ebekwe lapha, kade ngikubhekisise ngokusondela, ngikhole ukuthi azoveza khona impela nje abantu abakucelile. Ngi—ngiyakukholwa.

²¹³ Lokhu kuzongena kulowoMdonso wesiThathu! Ngi—ngiyakukholwa. Manje ngifuna ukunibuza umbuzo oqotho, nina enedlule emgqeni womkhuleko. Ningakhole ngempela, futhi nizwe manje, ukuthi kukhona into ethize eyenzeke kini selokhu nibe nezandla zibekwe phezu kwenu na? Phakamisani isandla senu!...?....Nakho. Yilokhu ebesikulindele. Manje, lokhu akusikho...Lokhu sekuqala nje ukuqhakaza izimbali manje. Niyabo? Nje sekuqale nge...Ngikwenze ngenhloso lokhu. Ngikwenze ngenhloso lokhu. Ngisebenza into ethize, niyabo, ithatha lamandla okukholwa futhi abuyela ngqo ekubeni aqale futhi angene; niyabo, ukuthi ukuphakamisa ukukholwa ebangeni lapho eningakaze nikuqaphele ngaleyondlela ngaphambili. Hhayi ukukholwa, kodwa ukuKholwa okuPhelele, kwakhelwe phezu phakathi *lapha*. Bese nibhekisisa uNkulunkulu ophelele, nenhliziyo ephelele, egcina isithembiso esiphelele, ngeZwi laKhe eliPhelele, elibukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili neLehlulela imicabango yenhliziyo. Ini? Siza manje ekupheleleni, ngoba abantu uzofanele eze kulokhu ukuze kube noHlwitho. Yilokho okulubambe kwaluqhelisa khona manje, lulindele leloBandla ukuba lize lingene kulokhu ukuKholwa okuHlwithiwe okuPhelele. Ngifuna

khona. Kuchaza okuninginingi ukuphuca kwami phansi, kuchaza okuninginingi kwenu, kodwa sindawonye sizokwenza ngomusa kaNkulunkulu. Amen.

INyanga enkulu manje iseduze,
Onozwelo . . .

²¹⁴ Nkosi Jesu, busisa umfowethu othandekayo. Kwangathi uMoya oNgcwele waKho ungamenza lomelusi aphile njalonjalo, futhi umgcine ephilile futhi eqinile, enkonzweni Ombizele kuyo. NgeGama likaJesu. Ngikubiza ngokuthi kungokwami, Nkosi. Ngiyamthanda. Sikubiza ngokuthi kungokwethu. Siyazi ukuthi kuqinisile. Siyakukholwa manje.

Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke
asake aculwa,
O Jesu, Jesu obusisiweyo.

²¹⁵ AniMthandi na? Cabangani nje: khona lapha manje, sekuvele kuqaleke umsebenzi emzimbeni wakho, wokuphiliswa kwakho, ngenxa yokuthi Wethembisa ukuthi kuyokwenzeka. Futhi manje, niyabo, nikubambile ebengikusho kulobubusuku na? Ninayo impicabadala yakho na? Niyabo, “Uma *nithi* kulentaba,” niyabo, ningangabazi, ningangabazi, kodwa nikukholwe lokho enikushilo. Manje kubhekisiseni, ngaphansi kwesikhathi semizuzu emihlanu, zonke izandla ziphakamile, ukuthi umsebenzi ubusugalile kubo khona manje. O, he! Nango. Yilokho-ke! Kuyini na? UBukhona beNyanga enkulu.

²¹⁶ O, asiphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu sibuye silicile futhi.

INyanga enkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo;
Ukhuluma inhliziyi eyethile ukuze yename,
O, yizwa iphimbo likaJesu.

Inothi elimnandi kunawo onke eculweni
lamaserafi,
Igama elimnandi kunawo onke olimini
lwabantu;
Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke
asake aculwa,
O Jesu, Jesu obusisiweyo.

²¹⁷ Ake sime sithule nje umzuzu. AsiMkhonze nje enhliziyweni yethu. Kucabangeni: uNkulunkulu, Ulapha. Ulapha. Ubani na? Ubani ozikhombe Yena njengoyiZwi na? “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. IZwi libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, Lehlulela ngisho imicabango nezizindlo (enikuzele lapha, ukuthi iyini inhloso yenu yokuba lapha, ukuthi ningobani)” ; likhombe uJesu Kristu

ukuthi unguMesiya, futhi namhlanje LiMkhomba enguMesiya ofanayo, izolo, namuhla, naphakade.

²¹⁸ INyanga eNkulu, Elapha, Eyathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda. Futhi uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa ningakholwa.” Uma Engadala izingwejeje, engenandlela nhlobo, noma lutho lapho ukukholwa; ngukukholwa kwami uqobo okuhambayo futhi kwenze lokho, ukukholwa kwami kulokho Angiphosela inselelo ukuba ngikucele. Wangiphosela inselelo ukuba ngikucele. Futhi ngayemukela inselelo yaKhe ekuthobeleni iZwi laKhe, ngayicela, futhi yabonakala! UNkulunkulu eZulwini uyazi lokho kuqinisile. Angebaphilise futhi nabagulayo na? Uma Engangiphakamisa nokukholwa ngalendlela, ngisho nokwabantu, ngisho noma bengenakukhwela kulelobanga. Uma bengenakukwenza, Angasebenzisa ukukholwa kwami. Angangiphakamisela kuleyondawo, futhi ngikhwelela nina. Ngikholelwa nina. Ngikhulumela nina.

²¹⁹ Ngingumfowenu, ngimi njengomfowenu, umkhulumeli, ngizama ngamandla ami onke ukunibamba phambi kukaNkulunkulu. Futhi ngimi lapha phambi kwaso ngqo isiHlalo sobukhosi esiMhlophe manje, futhi ngibekelela leyo... ngikhomba ngomunwe wami kulowoMhlatshelo onegazi lapho, futhi ngikhuluma ngeGama laKhe ukuthi kuyenziwa. Kuzofanele kwenzeke, futhi kuzofanele kwenzeke. Niyazi ukuthi kwenzekile. Ngiyazi ukuthi kwenzekile, kanjalo niyazi ukuthi kwenzekile, futhi kunjalo. Kunjalo. Amen.

. . . ihubo lokuthokoza eselake laculwa,
O Jesu, Jesu obusisiweyo.

Inothi elimnandi kunawo onke eculweni
lamaserafi,
Igama elimnandi kunawo onke olimini
lwabantu;
Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke
asake aculwa,
Jesu, Jesu obusisiweyo.

²²⁰ Nodeveli bayasithobela ngeGama laKho, Gama elimnandi kunawo onke olimini lwabantu. Odeveli... E—Elivusa abafileyo, Eliphilisa abagulayo, Elihlambulula onochoko, Elikhipha amademoni, Elenza amaKristu. Alikho elinye iGama phansi kweZulu. Ngiphila kuLo, ngabhaphathizwa kuLo, ngiyaLikhulwa, ngikhonza kuLo. O, mangibe yingxenyeyaLo. Mangikhulule umina; bese ngikuthola, Nkosi, kuWe, LeloGama elithiwa nguJesu Kristu, uMesiya ogcotshiwe, ukuze ngicindezele indlela yami ngedlule odakeni lokungakhulwa

ukuba ngibonise ubuhle bukaJesu Kristu: onguyena izolo, namuhla, naphakade.

²²¹ UNkulunkulu anibusise manje. Uma senibuya lapha ngeSonto elizayo, ninikeze ubufakazi ukuthi niphiliswe kanjani, ukuthi kwenzekeni kuleliviki. Bhekisisani futhi nibone ukuthi kwenzekani. Sekuphelile! “Wazi kanjani na?”

²²² Ungitshela ukuba ngi “kusho,” futhi ngakusho. Yilokho-ke. Yilokho-ke. Sekuphelile. Ngiyakukholwa. Manje, umelusi, uMfowethu Neville.

²²³ Umzuzwana nje. [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. Omunye unikeza incazo—Umhl.]

²²⁴ Alibongwe iGama leNkosi. Asiphakamise isandla sethu futhi siMkhonze umzuzu.

²²⁵ SiyaKubonga, Nkosi. SiyaKubonga, Nkosi. SiyaKubonga, Baba. SiyaKubonga, Baba.

²²⁶ Njengekholwa, niliqaphelile ibanga ukuthi kungakanani okomlayezo okhulunyiwe; nangesigqi okhulunywe ngaso, futhi bhekisisani incazo ibuyela kokufanayo na? Yilokho-ke. Bhekisisani ukuthi bekuyini, kuhambisana ncamashi noMlayezo; futhi kuqinisa ukuthi into ibiyiQiniso, ukuthi Ubesevele ekwenzile Anethembisa ukuthi Uyokwenza. Bhekisisani indlela lokho okuvela ngayo, futhi bhekisisani indlela lokhu okuhumusha ngayo. Bhekisisani ukuthi ukhulume isikhathi esingakanani, futhi nibhekisise ukuthi mangaki amazwi awashilo, niyabo, khona impela nje.

INkosi inibusise, ngize nginibone futhi. Amen.



UKUKHOLWA OKUPHELELE ZUL63-0825E
(Perfect Faith)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto kusihlwa, ngo Agasti 25, ngo 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org